ETHEKWINI MUNICIPALITY

METRO

ezasegagasini

22 Septhemba – 05 Okthoba 2023
Iphepha lakho LAMAHHALA

www.durban.gov.za

UMUNTU NGUMUNTU NGEKHAYA

Izindaba: Ikhasi 3

BIKA IZINKINGA ZIKAGESI

Izindaba: Ikhasi 4

INTUTHUKO EWADINI YAKHO

Izindaba: Ikhasi 5

UMasipala uvule indawo yokuqala yamanzi asetshenziswa kabusha

SIPHELELE BUTHELEZI

UMASIPALA usuvule indawo yamanzi asetshenziswa kabusha neyamandla avuselelekayo ezisahlolwa njengengxenye yokuthola izisombululo zezinselelo zokuhlinzekwa kwamanzi nogesi eziqhubekayo.

USihlalo weKomidi lezokuThuthukiswa koMnotho nokuHlela uKhansela Thembo Ntuli wethule ngokusemthethweni lezi zindawo ngomhla ka-20 Septhemba lapho khona ubemele iMeya yeTheku uKhansela Mxolisi Kaunda.

Lokhu kufaka indawo yamanzi asetshenziswa kabusha eyakhiwe esikhungweni sokuhlanza amanzi, iKwaMashu Wastewater Treatment Works nendawo yokuphehla ugesi kusetshenziswa amanzi, iMicro-Hydroelectric Turbine Integration System eyakhiwe endaweni yokugcina amanzi iMhlanga Rocks Reservoir 2.

UPhiko lwezaManzi nokuThuthwa kweNdle lukaMasipala lusayine isivumelwano sokusebenzisana nezinkampani zobuchwepheshe iMEB Energy ne-ALTERELEC kulo msebenzi wokuhlola ubuchwepheshe obungasetshenziswa.

USihlalo weKomidi lezokuThuthukiswa koMnotho nokuHlela uKhansela Thembo Ntuli wethule izindawo zokuhlola ukusetshenziswa kabusha kwamanzi namandla avuselelekayo kanti lapha ubemele iMeya yeTheku uKhansela Mxolisi Kaunda. Abamele izinkampani zobuchwepheshe, iMEB Energy ne-ALTERELEC bebekhona ngesikhathi kwethulwa lezi zindawo. Izithombe: PUMLA KHWELA

I-ALTERELEC yakhe yaphinde yafaka iMicro-Hydroelectric Turbine Integration System ewu-56 kW eMhlanga Rocks Reservoir 2. Inhloso yalokhu wukusiza uMasipala ukwazi ukudonsa amandla atholakala ohlelweni lwawo lokuphakela amanzi.

Isikhungo samanzi asetshenziswa kabusha esakhiwe yiMEB Energy sizosebenza ukuhlanza amanzi angcolile ukuze kukhiqizwe amanzi okuphuza asemazingeni eSouth African National Standard (SANS 241:2015).

UKhansela Ntuli uthe uMasipala uthatha lezi zinyathelo ngenhloso yokugwema ukuthi kube khona isimo esibucayi esikhathini esizayo njengoba isidingo samanzi siya ngokukhula.

"Uhambo lwanamhlanje luza ngemuva kwesimemezelo esibalulekile sokuthi iTheku lizosingatha iNgqungquthela Yezamanzi Yomhlaba yesi-19 ngo-2025. Njengobuholi bukaMasipala wetheku, kuyasijabulisa ukuthola leli thuba okungelona nje kuphela elokuqhakambisa iDolobha lethu, kodwa elokuba sibambe iqhaza elibalulekile ekuthuthukiseni ubuchwepheshe bokuhlinzekwa kwamanzi," usho kanje.

UKhansela Ntuli uthe uhlelo iReuse Monitoring Programme luzosiza ngokukhiqiza imigomo nemihlahlandlela ngaphezu kwaleyo yeSANS241 ezosetshenziswa ezinhlelweni zikaMasipala zamanzi asetshenziswa kabusha namandla avuselelekayo.

Amabhishi aseThekwini avuliwe futhi aphephile

INTATHELI YOMKHANDLU

AMABHISHI kaMasipala awu-22 kwawu-23 avuliwe futhi aphephile ukuthi kungabhukudwa kuwona. Lesi simemezelo senziwe nguDkt Musa Gumede, oyiPhini leMenenja yeDolobha yezeMisebenzi yoMphakathini neZimo eziPhuthumayo emhlanganweni weKomidi eliPhethe (EXCO) ngomhla ka-19 Septhemba obuholwa yiMeya yeTheku uKhansela Mxolisi Kaunda.

UDkt Gumede uthe kusetshenziswa izinhlelo eziqinile zokuthatha amasampula nokuhlola amanzi njalo ngesonto ukuze kuqinisekiswe ukuthi izinga lamanzi asemabhishi lihlala liphezulu.

Imiphumela yakamuva ikhombisa ukuthi amanzi asemabhishi asezingeni elamukelekile.

UMasipala umeme ochwepheshe bezamanzi, iTalbot, ukuthi bathathe amasampula ngesikhathi esisodwa noMasipala ukuze bazoqinisekisa imiphumela etholakalayo yezinga lokuhlanzeka kwamanzi emabhishi.

Umbukiso udlulisele amakhono ezobuchwepheshe kosomabhizinisi

NONDUDUZO NGCONGO

UMBUKISO wezamabhizinisi osonyakeni wesi-25, iDurban Business Fair (DBF), uqale ngegiya eliphezulu ngohlelo lokufundisa ukukhangisa ngokusebenzisa ubuchwepheshe besimanje, iDigital Marketing Masterclass, ngomhla ka-20 Septhemba.

Lolu hlelo lokufundisa beluyingxenye yezinhlelo zeDBF zesonto lonke. Umbukiso iDBF ububanjwe ngaphansi kwendikimba ethi 'Sigubha iminyaka ewu-25 yokwakha amabhizinisi asimeme' kanti ububanjelwe eNkosi Albert Luthuli International Convention Centre naseDurban Exhibition Centre. Bangaphezu kuka-550 osomabhizinisi abakhangise kulo mbukiso kaMasipala.

Uhlelo lokufundisa ukukhangisa ngobuchwepheshe beluholwa yi-INCO Creative kanti abebekhona baluchaze "njengoluvula amehlo".

Izihloko okukhulunywe ngazo bezihlanganisa ukukhangisa ngokusebenzisa ubuchwepheshe emabhizinisini amancane: ukukhuthaza ukukhula nokuqhamuka namasu amasha, ukuzakhela igama kwi-inthanethi, nomhlahlandlela wamaSMME nezixazululo zobuchwepheshe bokuxhumana kalula emabhizinisini.

UGugu Bhengu weGugu's Mobile Boutique uthe lolu hlelo lokuqeqeshwa luthinte umkhakha wobuchwepheshe oguquguquka njalo.

Inkampani kaBhengu yinkampani yaseNingizimu Afrika ephethwe ngabesifazane abamnyama kuphela ekhiqiza imvunulo neminye imikhiqizo yesintu ekhethekile eyenziwe ngezandla.

Kulo nyaka, i-International Pavilion iqhubekile nokusiza ukuvula amathuba okuthengisa impahla emazweni angaphandle ahlanganisa iGhana, i-Ethiopia, iNigeria, iSierra Leone, iMozambique, iBelgium, iGermany, neChina.

Ingosi yezolimo i-Agri-Business Hub ihlinzeke abalimi abasafufusa amathuba okuhlonyiswa ngolwazi lwezinhlelo zezolimo zikahulumeni, ukufinyelela emathubeni ezimakethe, nokweluleka abalimi ngokuthi bangawaqala kanjani amabhizinisi abo. Kuphinde kwaba nengxoxo mayelana nabalimi asebephumelele baseThekwini.

Ihhovisi elibhekelele ezamafilimu, iDurban Film Office, lethule izinhlelo zentuthuko namathuba oxhaso lwemali ahlinzekwa abenzi bamafilimu balapha ekhaya abasafufusa.

Lezi zinhlelo zesonto lonke zivalwe ngegiya eliphezulu ngemiklomelo yosomabhizinisi, amaDBF Excellence Awards, ehlanganisa imiklomelo yengqephu, amaDurban Fashion Fair Recognition Awards namaLion's Den Business Competition Awards.

ETHEKWINI MUNICIPALITY
20 YEARS DURBAN BUSINESS FAIR
22–24 SEPTHEMBA
Durban Exhibition Centre
9h00
KUNGENWA MAHHALA
IMIBUZO 031 266 9937

MAYELANA NATHI

IMetro Ezasegagasini iphephandaba likaMasipala weTheku elidlulisa izindaba zentuthuko eThekwini. Liphinde linike abafundi ithuba lokuthi bakwazi ukuletha imibono yabo. Liphuma njalo emuva kwamasonto amabili ngoLwesihlanu. Kushicilelwa amaphephandaba awu-100 000.

Xhumana nathi:
IMetro Ezasegagasini,
PO Box 5588, Durban, 4000

Umhleli Wezindaba:
031 311 4844 /
news.desk@durban.gov.za,
Reception: 031 311 4827,
iFax: 031 332 8051

ABASEBENZI

Umhleli: Lindiwe Khuzwayo

Umhleli weziNdaba:
Nondumiso Mathomane

UMdidiyeli: Charmel Payet

Ababhali: Nonduduzo Ngcongo, Romita Hanuman-Pillay, Siphelele Buthelezi, Sohana Singh, Khaya Sengani, Langelihle Dlamini, Simphiwe Dlamini noMlungisi Dlamini

Abahumushi:
Nonhlanhla Mkhabela noZanele Ntuli

Ama-Graphic Designers:
Zimana Bashe, Sandile Sokhela, Nosipho Mbuthuma, Sthe Jeza-Govuzela

Abathwebuli: Pumla Khwela, Saneli Mthalane, Nandi Ngidi, noThuli Dlamini

ITheku lizohola izingxoxo zomhlaba zezamanzi ngo-2025

PRIAH DASS

ITHEKU selimenyezelwe njengedolobha okuyilona elizosingatha iNgqungquthela Yezamanzi Yomhlaba yesi-19 ezoba ngo-2025.

Kulindeleke ukuthi le ngqungquthela ifake imali elinganiselwa kuR340 000 000 emnothweni walapha ekhaya.

IMenenja yeDolobha kuMasipala weTheku uMusa Mbhele, eseBeijing, eChina kuyimanje, iyona eyamukele ngokusemthethweni uphawu lokusingatha le ngqungquthela kuMengameli we-International Water Resources Association (IWRA) uLi Yuanyuan noNgqongqoshe wezaManzi eBeijing uLi Guoying.

Lolu phawu lusho ukwedluliselwa ngokusemthethweni kwalo mcimbi kuMasipala weTheku.

Lo mcimbi obalulekile uza ngesikhathi lapho khona uMasipala nezinye izingxenye zakuleli zibhekene nenselelo enkulu yamanzi.

"Singakuqinisekisa ukuthi lo mcimbi wango-2025 ozoba seThekwini uzosingathwa ngokubambisana nozakwethu baseSub-Saharan Africa nezwekazi lase-Afrika lonkana, okuzoqinisa ukuzibophezela kwethu ekutholeni izisombululo zezinkinga zamanzi," kusho uMbhele emcimbini wokuvala obuseBeijing.

Phakathi kwethimba laseNingizimu Afrika elihambele iNgqungquthela Yezamanzi Yomhlaba yesi-18 kukhona abamele isiFundazwe saKwaZulu-Natali nabamele uMasipala weTheku abaholwa nguMbhele ukuyokweseka isicelo esifakwe yiConvention Bureau sokuba le ngqungquthela isingathelwe eThekwini.

"Ngeke sakugcizelela ngokwanele ukubaluleka kokusingatha le ngqungquthela lapha eThekwini. Lo mcimbi uzosinikeza ithuba elihle kakhulu lokuba sibhekane futhi sithole izisombululo zezinselelo zamanzi. Wumcimbi wokuthi sabelane ngolwazi, sikhuthaze ucwaningo olubalulekile ukuze kuzuze izakhamizi zethu," kusho uMbhele.

Uma kubhekwa impumelelo yengqungquthela yakulo nyaka, iTheku lingalindela ukuba amazwe omhlaba amaningi athutheleke kuleli ukuzobamba iqhaza kule ngqungquthela yango-2025.

Kulindeleke ukuthi lo mcimbi uhehe izithunywa eziqavile ezingaphezu kuka-3 000 uphinde ube nezihambeli ezingaphezu kuka-10 000.

Le ngqungquthela izovula inkundla yokuba abakhangisi abangaphezu kuka-90 bakhombise ngemisebenzi yabo abayisungulile. Ngale kokubaluleka emkhakheni wezemfundo nowezesayensi, iNgqungquthela Yezamanzi Yomhlaba yesi-19 kulindeleke ukuba ibe nomthelela omkhulu emnothweni waseThekwini namaphethelo.

Izibikezelo ezisenziwe njengamanje ziveza ukuthi le ngqungquthela izofaka uR340 000 000 emonthweni walapha ekhaya. Ngeke kugcine ngokuhlomula iTheku kuphela ngalokhu kufukuleka komnotho, kodwa isifunda sonkana sizohlomula.

priah.dass@durban.gov.za



IMenenja yeDolobha uMusa Mbhele yamukele uphawu lokumemezela ngokusemthethweni ukuthi uMasipala weTheku yiwona ozosingatha iNgqungquthela Yezamanzi Yomhlaba yesi-19 ngo-2025 kuMengameli we-International Water Resources Association (IWRA) uLi Yuanyuan noNgqongqoshe wezaManzi eBeijing uLi Guoying.
Isithombe: THULI DLAMINI

IMeya igculisekile ngenqubekelaphambili ekulungisweni kweziteshi zokumpompa indle

SIMPHIWE DLAMINI

UKUZE kuqinisekiswe ukuthi kushaya isikhathi samaholidi kaKhisimusi wonke amabhishi aseThekwini abe esesebenza, iMeya yeTheku uKhansela Mxolisi Kaunda nePhini likaSihlalo weKomidi lezokuHlaliswa kwaBantu neNgqalasizinda uKhansela Bheki Mngwengwe bavakashele eziteshini zokumpompa indle zaseWarner Beach naseKingsway ukuyohlola inqubekelaphambili ekulungisweni kwalezi ziteshi.

UMeya Kaunda ugculisekile ngenqubekelaphambili esiyenziwe yokushintsha imishini yokumpompa indle emidala ecekelwe phansi yizikhukhula ngonyaka owedlule. Lo monakalo ube nomthelela omkhulu ekungcoleni kwamabhishi amaningi aseningizimu yeTheku.

"Asinakungabaza ukuthi kuzoshaya isikhathi samaholidi kaKhisimusi iningi lamabhishi ethu aseningizimu yeTheku libe selisebenza ngokugcwele futhi liphephile ukuthi kungabhukudwa," kusho uMeya Kaunda.

Uphinde wahlola inqubekelaphambili yokulungiswa kwamadamu okugcina amanzi amabili e-Adams (Reservoir 5 no-6) lapho khona umsebenzi osuwenziwe ungamaphesenti awu-80 nawu-75 kulawa madamu.

Lezi zinhlelo zikaR60 million zizophothulwa ngoNovemba kulo nyaka kanti zizosiza ukuhlinzeka kangcono amanzi e-Adams, eMbumbulu, KwaMakhutha, eNsimbini, naseFolweni.

UMeya Kaunda uyithokozele nenqubekelaphambili esiyenziwe ekwakhiweni kwebhuloho iNteke eseliphothuliwe. Njengamanje, uMasipala umatasatasa nokuphothula izinhlelo zokuthi kuqalwe ukulungiswa komgwaqo wobhuqu ongamakhilomitha amane ukuze ufakwe itiyela. Lo mgwaqo uzoxhumanisa iNteke, iPinetown, iNgonyameni nezikole eziyisikhombisa zakule ndawo.



IMeya yeTheku uKhansela Mxolisi Kaunda nePhini likaSihlalo weKomidi lezokuHlaliswa kwaBantu neNgqalasizinda uKhansela Bheki Mngwengwe bavakashele iziteshi zokumpompa indle zaseWarner Beach naseKingsway ukuyohlola inqubekelaphambili ekulungisweni kwalezi ziteshi.
Isithombe: PUMLA KHWELA

Kuyaqhubeka ukuxoxisana nabakhokhi bama-rates

MACK MAKHATHINI

IMEYA yeTheku uKhansela Mxolisi Kaunda noSomlomo woMkhandlu uKhansela Thabani Nyawose bahlangane nezinhlangano zabakhokhi bama-rates nezakhamizi zaseThekwini ePhoenix ngomhla ka-15 Septhemba.

Lezi zinhlangano zihlanganisa izindawo ezifana neChatsworth, iClare Estate, iQueensburgh, iReservoir Hills, iPhoenix, neVerulam.

Abakhokhi bama-rates babonge ubuholi ngokwenza isikhathi sokuhlangana nabo ukuze kuxoxwe ngezinkinga ezithinta intuthuko nokuhlinzekwa kwezidingo.

Phakathi kwezinselelo eziphakanyiswe yizakhamizi kubalwa ingqalasizinda egugayo, ukuqoqwa kukadoti, nokuvalwa kwamanzi nogesi.

Ukubhekana nalokhu, uMasipala usunamathimba asebenza ngamapayipi amanzi ukuze alungise ukuvuza kwamanzi nokuchitheka kwendle, okuvame ukubangelwa wukusetshenziswa budedengu kwengqalasizinda yokuthutha indle.

Ubuholi bukaMasipala weTheku buyaqhubeka nokuqinisa ukusebenzisana nabakhokhi bama-rates ukuze kusheshiswe ukuhanjiswa kwezidingo.
Isithombe: SITHUNYELWE

IZINDABA KAFUPHI

Kubanjiswane nomphakathi ukuhlinzeka izidingo

UMASIPALA weTheku usingathe ingqungquthela nezinhlaka ezahlukene zomphakathi iMulti-Sectoral External Stakeholders Forum Workshop ngenhloso yokuthuthukisa ubudlelwano nezinhlangano zomphakathi. Le ngqunguthela ibisenkundleni yezemidlalo iMoses Mabhida ngomhla ka-14 Septhemba.
Inhloso yalo mhlangano bekuwukuhlela imibandela yokusebenza iTerms of Reference ebandakanya imikhakha eminingi yababambe iqhaza.
USomlomo weTheku, uKhansela Thabani Nyawose, uthe inhlangano iDurban Coalition noMasipala bayasibona isidingo sokuba nendlela yokuxoxisana ngendlela ebandakanya bonke abathintekayo.

Kuhlonishwe iDurban ICC

ISIKHUNGO iNkosi Albert Luthuli International Convention Centre (Durban ICC) sesikuphindile futhi esidume ngakho sahlonishwa yiTourism Grading Council of South Africa (TGCSA) ngokuba yisikhungo esizezingeni eliphezulu (five-star). Leli yizinga leTGCSA eliphezulu kunawo wonke emkhakheni wezokuvakasha nokwamukela izihambi eNingizimu Afrika.
Le mpumelelo iwubufakazi bokuzinikela kweDurban ICC ekwenzeni umsebenzi osezingeni lomhlaba, izikhungo ezihamba phambili, nokuqinisekisa ukuthi amakhasimende ayo, izithunywa nezivakashi baba nesikhathi abangasoze basilibala.
ULindiwe Rakharebe oyiCEO eDurban ICC uthe uyabonga ngale mpumelelo.

Kwethulwe isimo seDolobha

IMEYA yeTheku uKhansela Mxolisi Kaunda iqhakambise isimo esihle sikaMasipala nemizamo eyenziwayo ukuze kuhlinzekwe kangcono izidingo ngesikhathi yethula isimo sikaMasipala ngesonto leNational Council of Provinces (NCOP).
Lokhu kube yingxenye yohambo lweNCOP evakashele ezifundazweni nakomasipala abahlukene ukuyohlola izinhlelo zokulungisa ingqalasizinda njengengxenye yohlelo iProvincial Week Programme.

UMUNTU NGUMUNTU NGEKHAYA

Ihlomule ngezindlu imindeni yaseCato Manor

MLUNGISI DLAMINI

KUBE nenhlokomo yenjabulo ngesikhathi uSihlalo weKomidi lezokuHlaliswa kwaBantu neNgqalasizinda, uKhansela Themba Mvubu, nekhansela lakuWadi 29, uKhansela Bhekisisa Mngadi, benikezela ngokhiye ababili kwabahlomule ngezindlu eCato Manor.

U-Andiswa Pakade uthe njengengxenye yohlelo lokwakhiwa kwezindlu kule wadi, indlu yakhe endala idiliziwe ukuze kwakhiwe entsha. "Indlu yami endala ibincane kakhulu futhi bengingakhululeki njengoba ngikhubazekile ngihamba ngesihlalo esinamasondo. Le ndlu entsha inendawo yokuhamba ngesihlalo sami esinamasondo futhi indlu yokugezela nayo yakhiwe ngendlela ekwazi ukubhekana nezidingo zami. Ngithanda ukubonga ikhansela lami lewadi, uKhansela Bhekisisa Mngadi noMasipala weTheku ngale ndlu. Nginakekela izingane ezinhlanu, kanti manje sesinendawo esiyibiza ngokuthi ikhaya," kusho uPakade ngenjabulo. Uthe isithunzi sakhe sesibuyile.

Omunye othole indlu ngu-uThulani Gumede. "Ngibonga ubuholi bukaMasipala weTheku nezikhulu ngale ndlu enhle kangaka, uNkulunkulu anibusise nonke," kusho uGumede obechichima injabulo.

UKhansela Mvubu ubonge abahlomulile ngokubekezela ngesikhathi belinde ukwakhiwa kwezindlu zabo.

"NjengoSihlalo weKomidi lezokuHlaliswa kwaBantu neNgqalasizinda, ngiyajabula ngenqubekelaphambili esiyenziwe ukwakha lezi zindlu nezinye ukuze kusizwe izakhamizi eziswele," kusho uKhansela Mvubu.

mlungisi.dlamini@durban.gov.za

Kube nenjabulo ngesikhathi uSihlalo weKomidi lezokuHlaliswa kwaBantu neNgqalasizinda uKhansela Themba Mvubu nekhansela lakuWadi 29, uKhansela Bhekisisa Mngadi, benikezela ngezindlu kwababili abahlomulile eMkhumbane. Isithombe: MLUNGISI DLAMINI

Imindeni yaseNanda ithole izindlu ezintsha

MLUNGISI DLAMINI

IZAKHAMIZI ezintathu zakuWadi 55, eNewton A, eNanda azikwazanga ukubamba injabulo ebezinayo ngesikhathi iPhini likaSihlalo weKomidi lezokuHlaliswa kwaBantu neNgqalasizinda, uKhansela Bheki Mngwengwe nekhansela lakuWadi 55, uKhansela Siyabonga Mfeka, bezinikeza okhiye bezindlu zazo ezintsha.

USibusiso Mzimela ugiye waqephuza ngenxa yenjabulo ngesikhathi ethola okhiye bendlu yakhe entsha.

"Namuhla wusuku oluhle kakhulu. Ngemuva kokuhlala endlini ebingawa noma yinini, izinyembezi zami zisuliwe. Ngenxa yokuthi indlu ibigcwala amanzi uma lina, izingane zami bekudingeka ziyohlala kwenye indawo ngoba indlu yethu ibingaphephile. Kodwa namuhla ngimamatheka ngedwa ngoba senginendlu entsha esingahlala kuyo nomndeni wami," kusho uMzimela.

Omunye ohlomulile nguAmos Lufundo obonge bonke ababambe iqhaza ekwakhiweni komuzi wakhe. "Impilo yami ishintshile namuhla; ngijabule kakhulu ngale ndlu entsha. Indlu yami endala ibiwohlokile. Ngathi yiphupho ukuba nendlu enhle kanje. Mina nomkami asisebenzi futhi besingeke sikwazi ukuzenzela lokhu. Siyabonga kuMasipala ngokusibuyisela isithunzi sethu," kusho uLufundo.

UKhansela Mfeka uhalalisele abathole izindlu ezintsha ezakhiwe ngaphansi kohlelo iR293 Housing Project. Lo msebenzi uvuselela izindlu zangaphambi kuka-1994 ezazakhiwe ngaphansi kohlelo lukahulumeni wobandlululo. Iningi lalezi zindlu zindala futhi ziwohlokile.

"Silapha namhlanje ukuzonikezela ngokusemthethweni izindlu ezintathu kwabahlomulile abebenezindlu ebesezindala, ziqhekekile futhi kuyingozi ukuhlala kuzo. Sizoqhubeka nokwakha ezinye izindlu kulo nyaka wezimali. Siyakuqonda ukuthi sikhulu isidingo sezindlu, futhi uhulumeni uzama ngakho konke okusemandleni ukuhlangabezana nalesi sidingo," usho kanje.

IPhini likaSihlalo weKomidi lezokuHlaliswa kwaBantu neNgqalasizinda uKhansela Bheki Mngwengwe nekhansela lakuWadi 55, uKhansela Siyabonga Mfeka, banikezele ngezindlu ezintathu eNewtown A, eNanda. Isithombe: MLUNGISI DLAMINI

Bekuyinjabulo yodwa eNew Germany izakhamizi zithola izindlu

PHAMBILINI

MANJE

Ikhansela lakuWadi 21, uKhansela Neli Nyanisa unikezele ngendlu kuDuduzile Mkhize. Esithombeni yindlu endala edilikayo abehlala kuyona uMkhize. Izithombe: ZITHUNYELWE

KHAYA SENGANI

ABAHLOMULE ngezindlu ezimbili eNew Germany bajabule kakhulu bethola okhiye bezindlu zabo ezintsha ngesikhathi ikhansela lakuWadi 21, uKhansela Neli Nyanisa enikezela ngezindlu. Ukwakhiwa kwalezi zindlu kuyingxenye yokusiza labo abakhahlamezeka ngesiphepho sango-2017. Lolu hlelo lusaqhubeka nokuhlinzeka izakhamizi ezingenamakhaya ngezindlu. Ukunikezelwa kwezindlu kuyingxenye yohlelo lukaMasipala lokubeka eqhulwini izakhamizi ezinezindlu ezakhahlanyezwa yiziphepho nezikhukhula.

UDuduzile Terresa Mkhize oyisakhamuzi uhlala emgwaqweni uGandayi Road futhi ujabule kakhulu ngesikhathi ethola ukhiye wendlu yakhe entsha. Ubonge kuMasipala nakubo bonke abathintekayo ngomuzi wakhe omusha.

"Angikaze ngizicabange ngithola indlu, ngathi ngiyaphupha," kusho yena.

UBonisile Mhlongo ongomunye wabahlomulile uthe ubekholwa ukuthi ngelinye ilanga uzoyithola indlu.

"Bengilala nezingane zami ekamelweni elilodwa. Sengizojabulela ukulala egumbini lami," kusho uMhlongo.

UKhansela Nyanisa uthe kunezindlu eziyisishiyagalolunye ezisakhiwayo okulindeleke ukuthi ziphothulwe ekupheleni kuka-Okthoba, ezezakhamizi ezasala zingenamakhaya ngenxa yezinhlekelele.

"Sizozinikezela kubanikazi bazo uma seziqediwe," kusho uKhansela Nyanisa.

khaya.sengani@durban.gov.za

Isithangami sabaphathi sidingide ngokuthuthukiswa kwechweba

SIMPHIWE DLAMINI

UMKHAKHA wezamabhizinisi wamukele izinhlelo zokuthuthukiswa nokunwetshwa kwechweba kanjalo nokubhekana nezinkinga zokudaleka kwesiminyaminya ngesikhathi kunesithangami saminyaka yonke i-CEO's Forum. Lesi sithangami besisingethwe yiMeya yeTheku uKhansela Mxolisi Kaunda ngomhla ka-15 Septhemba eMoses Mabhida Stadium.

Lolu hlelo belubanjwe ngaphansi kwesiqubulo esithi '*Durban Port Development: Implications for Durban Businesses*'.

Lesi sithangami sihlinzeka uMasipala ngenkundla yokuphendula kwezinye zezingqinamba eziphakanyiswe ngosomabhizinisi ezingxoxweni ezahlukene. Kuphinde kubhekwe ukuthi uMasipala nezinkampani ezizimele bangasebenzisana kanjani ukubhekana nezinye zezinselelo zomnotho nezenhlalo ezibhekene neTheku.

Isithangami sihlanganise abaphathi bezimboni, ongoti, abaholi bamabhizinisi, izifundiswa, izinhlaka ezahlukene zamabhizinisi nabanye ababambiqhaza ukuze kudingidwe ngokuthuthukiswa kwechweba laseThekwini, umthelela walo emabhizinisini aseThekwini, namathuba ahlobene nengqalasizinda yamachweba, ukusebenza nokuphathwa kwawo.

UMeya uKaunda uqinisekise umkhakha wezamabhizinisi ukuthi uMasipala

IMeya yeTheku uKhansela Mxolisi Kaunda isingathe ngempumelelo isithangami sabaphathi bezinkampani, ama-CEO, esihlanganise ongoti, abaholi bamabhizinisi, izifundiswa nababambiqhaza ukudingida ngokuthuthukiswa kwechweba laseThekwini, umthelela walo emabhizinisini aseThekwini, namathuba ahlobene nengqalasizinda yamachweba, ukusebenza, nokuphatha.

Isithombe: THULI DLAMINI

usebenzisana nezinhlaka ezifanele ukudambisa isiminyaminya echwebeni.

"Siyakuqinisekisa ukuthi uhulumeni ulusukumele lolu daba njengoba sizimisele ngokuqinisekisa ukuthi iTheku liyaqhubeka nokukhula libe yichweba elikwazi ukuncintisana namanye emhlabeni jikelele. Ukukhombisa ukuzinikela kukahulumeni kulo msebenzi, uMengameli uCyril Ramaphosa uvakashele iTheku ngonyaka owedlule, wamemezela izinhlelo eziqinile zokuthuthukisa ingqalasizinda ukuze kuqedwe isiminyaminya nokubambezeleka okungadingekile," kusho uMeya uKaunda.

Isikhulu sakwaTransnet, uPortia Derby, sichaze ukuthi le nhlangano isebenzisana nezinhlaka ezahlukene, okuhlanganisa noMasipala weTheku, ukuze kwandiswe futhi kuthuthukiswe umthamo nokusebenza kahle kwechweba laseThekwini. Uthe umkhakha wezasolwandle uwumkhakha owumgogodla ekukhuliseni umnotho, futhi basebenzisana kakhulu namanyuvesi ukuqinisekisa ukuthi amakhono athile ayatholakala kulo mkhakha.

UDerby uqhakambise izingxenye ezibalulekile mayelana nohlelo lokuthuthukiswa kwechweba laseThekwini futhi wachaza kabanzi ngentuthuko yesikhathi esizayo yamachweba aseNingizimu Afrika okuhlanganisa nelaseRichards Bay. Uthe ziyaqhubeka izinhlelo zokunwetshwa nokuthuthukiswa kwechweba ukuze kwakhiwe ichweba elisebenza kahle futhi elinenzuzo.

"Ichweba ligqugquzela ukukhula kwamabhizinisi akhona nokwakhiwa kwamabhizinisi amasha eThekwini namaphethelo," kusho uDerby.

simphiwe.dlamini@durban.gov.za

Bika izinkinga zikagesi ngoWhatsApp

GUGU MDLALOSE

UMASIPALA uzibophezele ekuhlinzekeni izakhamizi ngezinsiza ezisebenza kahle nezisheshayo. Ukucishwa kukagesi sekube nomthelela ekukhuleni kwenani lezinkinga zikagesi ngenxa yokubuya kwawo ngamandla. UMasipala usunendlela elula kakhulu yokubika ukuphazamiseka kukagesi. Izakhamizi zingabika izinkinga ezihlobene nogesi kuWhatsApp enombolweni ethi 076 791 2449.

Le nombolo kaWhatsApp isebenzisa ubuchwepheshe obubizwa nge-chatbot ekunikeza ngokushesha inombolo yokulandelela inkinga yakho oyibikile uma uqeda nje kufaka imininingwane yenkinga onayo.

Le ndlela yokubika izinkinga zikagesi ayenzelwanga ukuzongena esikhundleni sezindlela ezijwayelekile zokubika kepha yenzelwe ukwelekelela isikhungo sosizo lwamakhasimende esithwele kanzima nezinye izindlela zokubika izinkinga ezikhona. Ukuze ubike inkinga kagesi ngenombolo kaWhatsApp, obikayo kufanele athumele umyalezo othi 'Hi,' i-chatbot izobe isiveza uhlu ongakhetha kulona uhlobo lwenkinga ebikwayo. Okuhle ngalolu hlelo lukaWhatsApp wukuthi usizakala ngaphandle kokulinda isikhathi eside nangaphandle kokulinda umuntu ozokusiza. Amakhasimende abika izinkinga zikagesi ayakhuthazwa ukuthi asebenzise le nkundla yobuchwepheshe ekwazi ukuqonda inkinga futhi iphendule, ikhiphe izinombolo zokulandelela leyo nkinga ikhasimende eliyibikile.

gugu.mdlalose@durban.gov.za

Isivumelwano sokusebenzisana phakathi kweTheku ne-Xaimen, eChina

SIMPHIWE DLAMINI

KUSAYINWE isivumelwano sokusebenzisana ngomhla ka-19 Septhemba phakathi kukaMasipala weTheku nedolobha laseXaimen, eChina ukuze kuqiniswe ubudlelwano nokuqinisekisa ukubambisana kule minyaka emihlanu ezayo.

Lokhu kukhambisana nemigomo ye-Joint Communique on the Establishment of Diplomatic Relations phakathi kweNingizimu Afrika neChina.

IMeya yeTheku, uKhansela Mxolisi Kaunda nePhini leMeya yedolobha laseXaimen, uZhuang Rongliang, bakuqinisekisile ukusungulwa kobudlelwano phakathi kwalawa madolobha womabili.

Umcimbi wokusayina lesi sivumelwano ububanjelwe eCity Hall, eThekwini, lapho khona abebemele lawa madolobha bevumelene ngokuthi bazosebenzisana emikhakheni eyahlukene okubalwa kuyona umnotho, ezohwebo, amachweba, amasiko, ezemidlalo, ezempilo nezemfundo.

UMeya uKaunda ithe uyakuthokozela ukusungula ngokusemthethweni ubudlelwano phakathi kukaMasipala waseThekwini nedolobha laseXiamen. Uthe lobu budlelwano buzothuthukisa ukubambisana futhi buzokwenza kube lula ukwabelana ngolwazi, ukusebenza okuhle, nokusungulwa kwezinhlelo ezintsha kuzona zonke izingxenye zokuhanjiswa kwezidingo nokubusa.

"Ukusayinwa kwalesi sivumelwano sokusebenzisana kwenzeka ngesikhathi esibalulekile lapho khona iNingizimu Afrika nawo wonke amazwe eBRICS ephothule iNgqungquthela yeBRICS ngempumelelo. Ngengqungquthela yeBRICS, ubudlelwano phakathi kweNingizimu Afrika neChina buthuthukisiwe. Ngakho-ke, lokhu kuvakasha nokusayinwa kwesivumelwano sokusebenzisana namuhla kuzoqinisa lobu budlelwano obubalulekile," kusho uMeya uKaunda.

URongliang uchaze lesi sivumelwano njengesizozuzisa lawa madolobha womabili ngokulinganayo.

IMeya yeTheku uKhansela Mxolisi Kaunda nePhini leMeya yeDolobha laseXaimen ngesikhathi kusayinwa isivumelwano sokusebenzisana phakathi kwalawa madolobha amabili eCity Hall, eThekwini, ngomhla ka-19 Septhemba.

Isithombe: THULI DLAMINI

INTUTHUKO EWADINI YAKHO

Umkhankaso we-OGH usiza ukusheshisa ukuhanjiswa kwezidingo

LANGELIHLE DLAMINI

UKUTHUTHUKISWA kwendlela yokuhanjiswa kwezidingo kusaqhubeka nokuba seqhulwini kuMasipala. Umkhankaso we-Operation Good Hope uhamba phambili kulo mzamo njengoba uhlose ukubhekana nezinselelo ezibhekene namawadi ngesikhathi esisodwa ukuze kusheshiswe ukuhanjiswa kwezidingo.

Ngalolu hlelo oluhlanganisa izinhlaka ezahlukene, sekuhanjelwe izindawo ezahlukene okubalwa kuzona iKillarney Terrace eseMngeni, iCato Crest, iSeaview, iBerea, iGlenmore, iTshelimnyama, iNtuzuma, uMlazi nase-Clairwood. Kulo mkhankaso kubhekwane nokugcinwa kwemithetho kaMasipala, ukuhlolwa kwezakhiwo, ukulungisa amapayipi amanzi avuzayo, ukukhuculula izindawo okulahlwa kuzona ngokungemthetho nokulungisa amalambu asemgwaqweni.

UMasipala unxusa izakhamizi ukuthi zibike izinkinga zokuhanjiswa kwezidingo ezindaweni zazo futhi ukhuthaza amalungu omphakathi ukuthi azibandakanye ezinhlelweni zokuzigqaja ngomphakathi. Ngohlelo lwe-Adopt-A-Spot, izakhamizi zingaxhumana noMasipala ukuze zithole indawo ezizoyinakekela ziyihlobise ngaphandle kokukhokhelwa.

Izakhamizi ziyanxuswa ukuthi ziqhubeke nokusebenzisana noMasipala ngokubika ukulahlwa kwemfucuza ngokungemthetho ku-031 311 8804 noma zithumele i-email ku-dsw@durban.gov.za.

langelihle.dlamini@durba.gov.za



Umkhankaso we-Operation Good Hope uhambele emawadini amaningi muva nje. Lolu hlelo luhlose ukubhekana nazo zonke izinselelo ezibhekene namawadi ngesikhathi esisodwa ukuze kusheshiswe ukuhanjiswa kwezidingo.

Isithombe: NANDI NGIDI

Izinhlelo ezinqala zentuthuko eNanda naseNtuzuma

MLUNGISI DLAMINI

IKHANSELA lakuWadi 55, uKhansela Siyabonga Mfeka, uhlube udlubu ekhasini ngezinhlelo zokuhanjiswa kwezidingo kule wadi ngesikhathi kuxoxiswana nomphakathi muva nje, okwamukelwe ngezandla zombili yizakhamizi zaseNanda naseNtuzuma.

Ingxenye yomtholampilo iNewtown A Clinic yacekeleka phansi ngesikhathi kunezikhukhula ngo-2022.

"UMasipala uphezu kwezinhlelo zokuwakha kabusha lo mtholampilo. Onjiniyela bamatasatasa nemiklamo ezolekelela ekwakhiweni kabusha komtholampilo ozoba sezingeni eliphezulu. Lesi sikhungo sezempilo sizohlinzeka ngosizo lwezempilo olwengeziwe obelungekho ngaphambilini. Usonkontileka uzoqala ukusebenza ngoNovemba," usho kanje.

UKhansela Mfeka wengeze ngokuthi izakhamizi nazo zizohlomula ngamathuba emisebenzi azodaleka.

Uthe umgwaqo uKing Bhekuzulu nawo ocekelwe phansi yizikhukhula uzolungiswa maduze.

"Sinxusa umphakathi ukuthi uyivikele le ngqalasizinda kaMasipala njengoba ibalulekile. Okunye okukhathazayo wukudunwa kwezimoto zika-Masipala. Lokhu kubambezela ukuhanjiswa kwezidingo ewadini futhi sikhuthaza izakhamizi ukuthi zibike izenzo zobugebengu emaphoyiseni akwaSouth African Police Services. Kusabalulekile futhi ukukhokhela izidingo zikaMasipala. Asisebenzisane ukwakha iDolobha lethu," kusho uKhansela Mfeka.

UThenjokwakhe Majozi oyisakhamuzi saseNewton A, eNanda, uncome ubuholi ngolwazi oluqukethe yonke imininingwane ebalulekile olwethulwe ngesikhathi kunomhlangano.

"Siyakuthokozela ukuphendulwa, siwumphakathi kubalulekile ukwazi ngokwenzeka ewadini yethu. Siyathembisa ukuthi sizobekezela ngesikhathi kuphothulwa lezi zinhlelo ezimbili," kusho uMajozi.

mlungisi.dlamini@durban.gov.za

Izakhamizi zamukele izinhlelo zokuthuthukisa ukuhanjiswa kwezidingo ezethulwe yikhansela lakuWadi 55, uKhansela Siyabonga Mfeka.

Izithombe: SITHUNYELWE

Kukhuculululwa imisele yamanzi emvula eThekwini



Amathimba kaMasipala akhuculule umsele wamanzi emvula ngaserenki yamabhasi eWorkshop.

Isithombe: SITHUNYELWE

MLUNGISI DLAMINI

ITHIMBA likaMasipala likhuculule umsele wamanzi emvula erenki yamabhasi eWorkshop.

UMphathi waseDepho ekuWilliams uJabulani Gazu uthe ukulahlwa kwemfucuza ngokungemthetho emiseleni yamanzi emvula kuholela ekutheni ivaleke.

"Ukulahlwa kwemfucuza ngokungemthetho yikhona okuyimbangela yokuvaleka kwemisele kungenasidingo eDolobheni. Uma sikhuculula imisele yamanzi sithola amabhodlela, izingubo zokulala, amathambo ezilwane, amatshe amakhulu, nokhonkolo. Sesenze imikhankaso eminingi yokufundisa izakhamizi ukuthi zishintshe indlela eziziphatha ngayo," kusho uGazu.

mlungisi.dlamini@durban.gov.za

UNgqongqoshe ufunge wagomela ukubhekana nezakhiwo eziyinkinga

MLUNGISI DLAMINI

UNGQONGQOSHE wezemiSebenzi yoMphakathi nezokuHlaliswa kwaBantu KwaZulu-Natali, uSipho Nkosi, iPhini leMeya yeTheku uKhansela Zandile Myeni nePhini likaSihlalo weKomidi lezokuHlaliswa kwaBantu neNgqalasizinda uKhansela Bheki Mngwengwe bahlole izakhiwo ezindala nokuhlalwa kuzona ngokungemthetho kuleli Dolobha.

UNgqongqoshe uNkosi uhole ithimba losopolitiki, izikhulu nabezindaba. Leli thimba livakashele izakhiwo ezinhlanu.

Ngesikhathi kuhlolwa lezi zakhiwo, kuvele ukuthi ezimbili zazo kuhlalwa kuzona ngokungemthetho kanti ezintathu sezashiywa kanjalo ngabanikazi bazo. Izakhiwo okuhlalwa kuzona ngokungemthetho yiWest Point neSea Mans Institutes Building. Izakhiwo ezilaxazwe ngabanikazi yi-Esplanade Government Building, iWest Load, neCastle Building.

UNgqongqoshe uNkosi wethembise ukuthi uzothatha izinyathelo ngokushesha ukuze kuphenywe ukuthi ngobani abanikazi balezi zakhiwo.

Uthe izakhiwo okungezikahulumeni zizolungiswa noma zisuswe.

"Njengoba silungisa lolu daba, konke esikwenzayo sizokwenza ngokulandela imigomo kahulumeni. Ngizohlangana nezinhlaka ezahlukene okubalwa kuzona amaKomidi eMisebenzi yoMphakathi, ezokuHlaliswa kwaBantu, uMasipala weTheku nabanikazi bezakhiwo abazimele," usho kanje.

Ezakhiweni eziyinkinga eziwu-80 ezikuleli Dolobha, ziwu-23 okuhlalwa kuzona ngokungemthetho.

mlungisi.dlamini@durban.gov.za

UNgqongqoshe wezemiSebenzi yoMphakathi nezokuHlaliswa kwaBantu KwaZulu-Natali, uSipho Nkosi.

22–24 SEPTHEMBA
Durban Exhibition Centre
9h00
KUNGENWA MAHHALA
IMIBUZO 031 266 9937

Kuqwashiswa izikole ngezinkinga zenhlalo

KHAYA SENGANI

UPHIKO lukaMasipala olubhekelela imiphakathi, iCommunity Participation and Action Support Unit, ngokubambisana noMnyango wezeMfundo, lubambe uhlelo lwezemfundo lokulwa nezinkinga zenhlalo emiphakathini. Lolu hlelo lubanjwe ngomhla ka-13 Septhemba eVikingozi Secondary School, kuWadi 109, ngaseManzimtoti.

Lolu hlelo luhlose ukuqwashisa abantu ngemiphumela engemihle edalwa wukusetshenziswa kwezidakamizwa, ubuqhwaga nokudlwengula. Abafundi bakhuthazwe ukuthi babike izehlakalo ezihlobene nalezi zinselelo zomphakathi ezingenhla kubazali babo, othisha, nanoma ubani abamethembayo.

Ongumxhumanisi weCommunity Participation and Action Support, uJabu Ndlovu, uthe izinkinga zomphakathi ziyizinselelo okumele izakhamizi zibambisane ukuzixazulula.

Abafundi baseVikingozi Secondary School babukele umdlalo weshashalazi okhuluma ngomthelela wezinkinga zenhlalo emiphakathini.
Isithombe: KHAYA SENGANI

"Lolu hlelo luhlose ukuhlomisa abafundi ngomphumela omubi odalwa yizinkinga zomphakathi nokuthi kufanele silwe kanjani nokwanda kwezingane ezidla izidakamizwa, izisulu nezigilamkhuba, nabazali abasebancane," kusho uNdlovu.

Uthe banamanxusa ezikole ezifundeni eziyisithupha akhuthaza ontanga ukuthi bakhulume ngezinselelo ezahlukene.

UThembinkosi Zikhali ofunda ibanga 9 eVikingozi Secondary School uthe ufunde lukhulu kulolu hlelo.

UPhiko lwezeMpilo luqinisa umkhankaso wokuphepha kokudla

ZIMBILI MAZIBUKO

ITHIMBA lezempilo likaMasipala liqale umkhankaso omkhulu wokuqwashisa ngokuphepha kokudla ukuze lifundise umphakathi nezindawo ezidayisa ukudla ngemithetho yokuphepha kokudla. Lokhu kuza ngemuva kwemikhankaso yokuqinisekisa ukulandelwa kwemithetho lapho khona kuhlawuliswe izindawo zokudlela ngenxa yokungalandeli imigomo yokuphepha kokudla. Phakathi kwemithetho okutholakale ukuthi yephuliwe ngeyokugcinwa kokudla ngendlela efanele, ukungabibikho kwezinhlelo ezifanele zokuthuthwa kwendle, nokungahambisani nemigomo yenhlanzeko.

URose Van Heerden oyiNhloko yezeMpilo uthe: "Ngokufundisa nokuqwashisa abantu, sethemba ukuthi sizoqinisekisa ukuthi zonke izindawo ezidayisa ukudla zakuleli Dolobha zigcina amazinga enhlanzeko nawokuphepha ephezulu."

zimbili.mazibuko@durban.gov.za

UPhiko lwezeMpilo lunomkhankaso wokuqinisekisa ukuthi izindawo ezithengisa ukudla ziyayilandela imigomo yezempilo neyokuphepha.
Isithombe: SITHUNYELWE

Kuqoqwe oplastiki bakadoti abawu-2 800 emabhishi

LANGELIHLE DLAMINI noSANE SHANDU

IZINHLAKA ezahlukene zihlanganyele noMasipala ukukhuculula amabhishi ukugubha usuku lokukhuculula amabhishi i-International Coastal Clean-up. Lo mkhankaso obubanjwe ngaphansi kwendikimba ethi *'Sea the change'*, uhlose ukuqwashisa abantu ngokubaluleka kwemvelo yasolwandle nokugqugquzela izindlela ezifanele zokulawulwa kwemfucuza.

Kuhlonzwe lawa mabhishi alandelayo iTreasure, iDakota, iCuttings, iReunion ne-River Mouth.

Babalelwa ku-2 800 oplastiki bemfucuza abaqoqwe kulezi zindawo. Udoti omningi oqoqiwe bekuyizimpahla zokugqoka ezilahliwe, oplasitiki, imikhiqizo ye-polystyrene, amakhandlela ashile, izidumbu zezilwane namabhodlela eziphuzo. Imikhankaso yokukhuculula iyadlondlobala njengoba amabhizinisi amaningi nezakhamizi "zifingqa imikhono", zibamba iqhaza ekukhucululeni ukuze kuvikelwe izilwane ezihlala olwandle. Lokhu kusiza nasekugcineni iDolobha lihlanzekile.

Izinhlaka ezahlukene zihlanganyele noMasipala ukuhlanza amabhishi njengendlela yokugubha usuku lokukhuculula amabhishi i-International Coastal Clean-up okuholele ekutheni kuqoqwe oplastiki abawu-2 800 bemfucuza.
Isithombe: LANGELIHLE DAMINI

USihlalo weKomidi lezemiSebenzi yoMphakathi neZimo eziPhuthumayo, uKhansela Zama Sokhabase, uthe kuyajabulisa ukubona abathintekayo besebenzisana noMasipala ukuqinisekisa ukuthi ulwandle luyalondolozwa. "Isihlava sokungcola emabhishi ethu siyakhula, lokhu kukhucululwa kwamabhishi bekudingeka ukuze kuvikelwe imvelo," kusho uKhansela Sokhabase.

Uthe kubaluleke kakhulu ukuqinisekisa ukuthi amabhishi ahlanzekile. "Siyaziqhenya ngokuthi lo mkhankaso ubandakanya izikole ukuze abafundi babe ngamanxusa okuqwashisa ngomphumela wokulahlwa kwemfucuza emabhishi," usho kanje.

UKhansela Sokhabase uthe ngenxa yobuningi bukadoti oqoqiwe, kuyacaca ukuthi izakhamizi azikawulahli ngedlela efanele udoti. Umphakathi uyakhuthazwa ukuthi udlale indlima yawo ekugcineni imvelo ihlanzekile.

Ukuhlelwa kwentuthuko emawadini

KHAYA SENGANI noMLUNGISI DLAMINI

UMASIPALA ube nemihlangano yokucobelelana ngolwazi kuWadi 33 no-50 muva nje, ngenhloso yokuxoxisana nezakhamizi nezinye izinhlaka ezibalulekile mayelana nokuhlelwa kwentuthuko okuncike emphakathini, phecelezi i-community-based planning (CBP). Lolu hlelo lwenzelwe ukuthuthukisa indlela yokuhambisa izidingo ngokubhekana nezinselelo eziqondene namawadi ngokwehlukana kwawo. Imihlangano yeCBP ibanjelwe kuWadi 33 ngomhla ka-16 Septhemba nakuWadi 50 ngomhla ka-17 Septhemba.

Uphiko olweseka izinhlelo zomphakathi iCommunity Participation and Action Support lube neqhaza elikhulu ekuhleleni nasekufezekiseni lolu hlelo lwentuthuko olugxile emawadini.

UNkonzo Xulu onguMxhumanisi weCommunity Based Planning uthe uMasipala uhambisana neMigomo yeBatho Pele, efaka ukunikeza izakhamizi ithuba lokuba kube yizo eziphakamisa futhi zenze izinhlelo ezizokwenziwa kuleyo naleyo wadi.

"I-CBP isiza amakhansela ngokuthi enze izinhlelo ezibhekana nezinselelo zokuhanjiswa kwezidingo emawadini awo. Lolu wuhlelo olwenziwa ngaphambi koHlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP)," kusho uXulu. Ugqugquzele izakhamizi ukuba zibambe iqhaza kulolu hlelo njengoba luhambisana nesikhathi esiyiminyaka emihlanu sokubusa koMkhandlu osuke uphethe. Inhloso yeCBP wukuqinisekisa ukuthi izinhlelo ezibalulekile ziyafakwa kwi-IDP kaMasipala.

ETHEKWINI MUNICIPALITY
MASIKHUCULULE ITHEKU
REDUCE • REUSE • RECYLE

EZOKUPHEPHA

Izigwebo ezinzima kubabulali bamaphoyisa kaMasipala

ROMITA HANUMAN-PILLAY

UMASIPALA weTheku usukushayele ihlombe ukugwetshwa kwezigilamkhuba ezinhlanu ezilahlwe yicala lokubulala amaphoyisa kaMasipala amabili ngo-2019. UConstable Mhlanga no-Inspector Dladla babulawa besemsebenzini lapho khona babegade umuzi wekhansela laseBhambayi, enyakatho yeTheku.

IJaji leNkantolo ePhakeme yaseThekwini uPeter Olsen ugwebe lawa madoda ngamacala okubulala, ukuntshontsha nokuphatha izibhamu. Izigwebo ezikhishiwe ziqala eminyakeni ewu-12 kuya kudilikajele.

Okhulumela amaphoyisa kaMasipala, uColonel Boysie Zungu, uthe: "Sigculisekile ngendlela leli cala eliphethe ngayo njengoba kade sasisilindele isigwebo. Akunabugebengu esizobubekezelela, ikakhulukazi uma amalungu ethu ezoba yizisulu. Abantu kumele bazi ukuthi umthetho awuwathatheli phansi

Kugwetshwe izigilamkhuba ezinhlanu eNkantolo ePhakame yaseThekwini muva nje ngecala lokubulala amaphoyisa kaMasipala amabili ngo-2019.

amacala alolu hlobo, ngakho izigebengu kumele zicabangisise ngaphambi kokwenza noma yini eziyihlelayo."

UZungu uphinde wahalalisela amalungu ombutho wamaphoyisa abe nesandla ekuboshweni kwalezi zelelesi njengoba zakhalelwa ngamasongo kaSigonyela kungakapheli namahora awu-72 zenze leli cala, njengokomyalelo kaNgqongqoshe wamaPhoyisa uBheki Cele. Leli thimba lalakhiwe ngamalungu ophiko lwezinja lwamaphoyisa kaMasipala, oKlebe, iSAPS Crime Intelligence nophiko lweMetro/SAPS Crime Prevention.

"Akubanga wumsebenzi olula lona kodwa sawenza ngempumelelo futhi ngalokho sibonga ukuzikhandla nokuzinikela kwethimba lonke. Kuyasijabulisa ukuthi lezi zigebengu azisekho emiphakathini yethu," kuphetha uZungu.

Kuboshwe osolwa ngokubamba inkunzi

VUYANI DIMBA

AMAPHOYISA kaMasipala abophe umsolwa wesilisa ngokutholakala nendathane yomazisi bomgunyathi nesibhamu esingekho emthethweni nezinhlamvu.

Umsolwa utholwe nezinhlamvu eziwu-49 ezingekho emthethweni ngesikhathi kuqhubeka uphenyo. Lo msolwa kukholakala ukuthi uthinteka ezigamekweni zokugebenga kuhlonyiwe eLovu naseManzimtoti.

Okhulumela amaphoyisa kaMasipala, uColonel Boysie Zungu, uthe umsolwa oneminyaka ewu-38, ubanjwe eLovu Phase 2, eMasosheni ngesikhathi ezama ukubalekela abomthetho. Umzamo wakhe wokubaleka awuzange uphumelele.

UZungu ubalule ukuthi ukuboshwa kwalo msolwa kube wumphumela wokusebenzisana kwabaseshi bamaphoyisa akwaSouth African Police Services eManzimtoti, uphiko lwamaphoyisa kaMasipala olunqanda ubugebengu, nethimba elilwa nobugebengu iCrime Prevention Metro Police Patrol Team.

UZungu uthe ukuboshwa komsolwa kuyinkomba yokuthi uMasipala uzibophezele ekunqandeni ubugebengu eThekwini.

Kuboshwe umsolwa eManzimtoti ngecala lokutholakala nesibhamu esingekho emthethweni nezinhlamvu kanjalo nomazisi bomgunyathi.

Isithombe: SITHUNYELWE

Kubanjwe osolwa ngokushushumbisa izidakamizwa ePhoenix

VUYANI DIMBA

AMAPHOYISA kaMasipala ayaqhubeka nokuqinisekisa ukuthi imphakathi iphephile. Enye yezindawo ebisezinhleweni zawo yiPhoenix, ikakhulukazi ngodaba lwezidakamizwa.

Okhulumela amaphoyisa kaMasipala, uColonel Boysie Zungu, uthe ukuze kuliwe nalokhu, sebenohlelo lwamaphoyisa olusebenza ngobuchwepheshe futhi bandisa isibalo samaphoyisa ajutshelwe ukunqanda lesi sihlava.

"Akukho okungaphezu kwamandla ethu uma sisebenza ngokubambisana. Amaphoyisa kaMasipala nezinhlaka zawo bathembele kakhulu emphakathini ukuthi ubike izenzo zobugebengu ezenzeka emiphakathini yawo," kwengeza uZungu.

Kwenzeka lokhu nje, kuboshwe umsolwa wesilisa oneminyaka ewu-34 ePhoenix, otholakale nezidakamizwa zenani elingaphezu kukaR3 500.

Umsolwa utholwe nalokhu:

- Amaphilisi awu-40 okusolakala ukuthi awe-heroin

Kuboshwe umsolwa ePhoenix ngecala lokutholakala nezidakamizwa. Lokhu kwenzeke njengoba amaphoyisa kaMasipala eqhubeka nokusebenzisa izindlela zokulwa nobugebengu kuleli Dolobha. Isithombe: SITHUNYELWE

- Amaphakeshana awu-19 okusolakala ukuthi yi-rock cocaine
- Imali ewu-R480

Khonamanjalo, ecaleni elingahlobene naleli, amaphoyisa kaMasipala aphenya isigameko sokuzama ukuduna imoto esenzeke ekhoneni lomgwaqo u-Alpine noHenry.

"Amaphoyisa agasele ngemuva kokuzwa ukuqhuma kwezibhamu futhi aliqaphe ngelokhozi leli cala," kuphetha uZungu.

Kuboshwe abane ngokukhiqiza utshwala ngokungemthetho

VUYANI DIMBA

AMAPHOYISA kaMasipala abophe abasolwa abane ngemuva kokuphenywa kweqembu lezigebengu ebelikhiqiza utshwala ngokungemthetho ePinetown, eWestmead.

Kulobu tshwala obudume ngelikaMzambiya kubantu bakule ndawo, kuhlanganiswa utshwala obusuke bungakaxutshwa nalutho (okungamele buphuzwe ngabantu), amanzi nezinye izithako.

Okhulumela amaphoyisa kaMasipala, uColonel Boysie Zungu, uthe ngokusebenzisana namaphoyisa eSouth African Police Service (SAPS) neKwaZulu-Natal Liquor Authority, baphumelele ukubopha abasolwa abane. Uthe kusazoqhutshekwa nophenyo kanti abasolwa basabanjwe esiteshini samaphoyisa ePinetown.

UMthetho Wamalayisensi Otshwala waKwaZulu-Natali, uMthetho 06 ka-2010, uyachaza ngemigomo elawula abakhiqizi abancane botshwala KwaZulu-Natali.

OyiBamba leChief Executive Officer kwiKZN Liquor Authority, uBheki Mbanjwa, uqinisekise ukuthi laba basolwa abane bawephulile lo mthetho.

"Abasolwa baboshelwe ukudayisa utshwala ngokungemthetho nokwephula umthetho okuyiwona osebenzayo njengamanje, uMthetho 06 ka-2010," kusho uMbanjwa.

Amaphoyisa kaMasipala azoqhubeka nokuqinisa ubudlelwano nezinhlaka asebenzisana nazo ukuze aqinisekise ukuthi imithetho kaMasipala iyathotshelwa.

Amaphoyisa kaMasipala agasele endaweni obekukhiqizwa kuyona utshwala ngokungekho emthethweni ePinetown muva nje.

Isithombe: SITHUNYELWE

ETHEKWINI MUNICIPALITY
20 YEARS DURBAN BUSINESS FAIR
22–24 SEPTHEMBA
Durban Exhibition Centre
9h00
KUNGENWA MAHHALA
IMIBUZO 031 266 9937

Uhlelo oluqinile lukaMasipala lokubhekana nezakhiwo eziyinkinga

Miningi imizamo eyenziwayo ukubhekana nezakhiwo eziyinkinga eThekwini. Lokhu kuyingxenye yohlelo lokuvuselela izindawo ezisenkabeni yeDolobha. Sekunezakhiwo eziningana ezibhidliziwe nezilungisiwe njengengxenye yalo msebenzi. **USohana Singh** uyabika.

UMASIPALA weTheku uthatha izinyathelo ezinqala zokubhekana nezakhiwo okuhlalwa kuzona ngokungemthetho nalezo ezisesimweni esibi ngenxa yokunganakekelwa ukuze unqande izigameko ezingaholela ekutheni kushone abantu.

Ukuqedwa kwezakhiwo eziyizinkinga kuyingxenye yohlelo lukaMasipala lokuvuselela izindawo ezisenkabeni yeDolobha ukuze kuqinisekiswe ukuthi iDolobha lethu liphephile, lihle futhi kuphileka kahle kulona, ngokuhambisana nesifiso sethu sokuthi kushaye u-2030 sesiyiDolobha okuphileka kangcono kulona e-Afrika yonke.

Isigameko sakamuva somlilo obulale okungenani abantu abawu-77 esakhiweni esidala saseGoli asigcinanga nje ngokusenza sigxile kakhulu emaswini ethu okuvuselela iDolobha kodwa siveze ubungozi nobunzima abantu abampofu ababhekene nabo ngenxa yomastende abakhohlakele. Njengabaholi, kuwumsebenzi wethu ukuthi sibhekane nalezi zinselelo ezifuna ukubuyisela emuva inqubekelaphambili esiyenziwe kusukela kwaqala intando yabantu.

Uhlelo lukaMasipala lokuqeda izakhiwo eziyinkinga, i-Eradication of Problem Buildings Programme, lwaqala ngo-1997 njengengxenye yohlelo i-ITRUMP Area Based-Management Regeneration egxile enkabeni yeDolobha, ikakhulukazi ezakhiweni ezisesimweni esingesihle ngenxa yokunganakekelwa.

Ukuze siphumelele kulokhu, kwadingeka ukuthi sibuyekeze izinqubomgomo zethu kanti ekwenzeni lokho, uMasipala wasungula umthetho "iProblem Building By-law" owaqala ngo-2015. Akuphelanga sikhathi esingakanani, kwasungulwa uphiko iProblem Buildings Division.

Ikomidi elibhekana nezakhiwo eziyinkinga, iProblem Building Steering Committee, elihlanganisa iminyango eyahlukene lihlangana nyanga zonke ukubhunga ngezakhiwo eziyinkinga ezishintsha mihla namalanga. Lokhu sekuqinise imizamo yethu yokuqeda izakhiwo eziyinkinga eDolobheni lethu.

Izinqubo zokubhekana nezakhiwo okuhlalwa kuzona ngokungemthetho nalezo ezisesimweni esibi ngenxa yokunganakekelwa azilula futhi zithinta nokusebenza komthetho. Kungalesi sizathu uMasipala usebenzisa indlela ehambisana nomthetho futhi ehlelekile ukubhekana nale nkinga.

Isakhiwo seChina Emporium esisenkabeni yeDolobha ngesinye sezakhiwo eziyinkinga.
Izithombe: PUMLA KHWELA noSANELI MTHALANE

Ukuze kubhekwane nezakhiwo eziyinkinga kuMasipala wonke, umnikazi wesakhiwo uyanikezwa ithuba lokulungisa isakhiwo futhi esekwe ngayo yonke indlela ukuze alungise isakhiwo sakhe ngempumelelo. Kepha, uma umnikazi wesakhiwo esenikeziwe usizo kodwa wehluleka ukwenza okufanele, uMasipala unawo amandla ngokomthetho nangokwezinqubomgomo ezehlukene ukuthi ulwedlulisele enkantolo udaba noma ulungise isakhiwo bese umnikazi ekhokhiswa izindleko zalo msebenzi ngokubambisana nophiko lwezimali ezingenayo, iRevenue Management Unit. Lena yinqubo yomthetho ende futhi emba eqolo. Isibonelo salokhu wudaba uMasipala obubhekene nalo lokubhidlizwa kwesakhiwo iChina Emporium esacekelwa phansi wumlilo esiyingozi emphakathini futhi esingabukeni kahle.

Lesi sakhiwo esisentshonalanga nenkaba yeDolobha sacekelwa phansi wumlilo ngonyaka owedlule. Umbiko wonjiniyela bezakhiwo owakhishwa ezinsukwini ezimbalwa ngemuva komlilo waphakamisa ukuthi kubhidlizwe sonke isakhiwo.

Esinye isinyathelo esithathwayo ukuze kubhekwane nezakhiwo eziyinkinga wuhlelo olubizwa ngokuthi yi "Sale in execution" oluqhutshwa wuphiko lwezimali ezingenayo kanti lolu wuhlelo olusahlolwa cishe ezakhiweni eziyishumi kulo Masipala.

UMasipala weTheku usuze abanikazi bezakhiwo abawu-19 ukuthi balungise izakhiwo zabo ngalolu hlelo. Lokhu kuza ngemuva kokuxhumana ngempumelelo nabanikazi bezakhiwo eminyakeni emithathu eyedlule abazibophezela ekutheni bazosebenzisana noMasipala ukuze kulungiswe izakhiwo zabo.

Phakathi kosizo oluhlinzekwayo kubalwa:

- Ukwehliswa kwezindleko zokufakwa kwezicelo zezinhlelo zentuthuko, ezifaka izinhlelo zokuphathwa kokusetshenziswa komhlaba, izicelo zokwakha, nokugunyazwa kwezicelo.
- Ukuphuthunyiswa kwezinqubo zokugunyaza izicelo lapho sikwazi khona, okufaka izinhlelo zokuphathwa kokusetshenziswa komhlaba nezicelo zokwakha.
- Ukwelulekwa ngongoti beminyango yethu kuzona zonke izigaba ezahlukene zokufakwa kwezicelo.
- Ukwelekelela ekufakweni kwezicelo ze-AMAFA kulezo zakhiwo ezinomlando.
- Ukweluleka ngezinye izinhlelo zosizo ezingasetshenziswa ezibalulwe kwinqubomgomo i-Economic Development Incentive Policy nezibonelelo eziphathelene nentela zeSouth African Revenue Service Urban Development Zone.

Ukungenelela kwethu sekuthele izithelo ezinhle ezindaweni ezakhelene nechweba nakuMahatma Gandhi. Ngaphezu kwalokho, imizamo yethu igxile kakhulu ezindaweni ezisenkabeni yedolobha lapho sigxile khona emigwaqweni uDr Yusuf Dadoo, uDr Pixley ka-Isaka Seme, uMahatma Gandhi, u-Anton Lembede, noMargaret Mncadi.

UMasipala usuhlonze izakhiwo ezinganakekeliwe eziwu-88 enkabeni yedolobha ezidala inkinga enkulu.

Njengamanje, ziwu-13 izakhiwo ezisenkabeni yeTheku okuhlalwa kuzona ngokungemthetho. Ukubhekana nalokhu, uMasipala usiza abanikazi balezi zakhiwo ngokuqhuba imikhankaso yokuhlola lezi zakhiwo bese ukhipha izaziso ezivela eminyangweni eyahlukene yangaphakathi zokwephulwa kwemithetho ukuze kuqiniswe ubufakazi. Sakha namasu ngokuhlanganyela nabanikazi bezakhiwo ukuze sinqande ukuthi abantu bazingenele ezakhiweni ngokuzayo. Lokhu kufaka ukuqiniswa kwezokuphepha nokukhuthaza umphakathi ukuthi uhlale uqaphile, ngokusebenzisa izinhlelo ezifana ne-Urban Improvement Precincts, ukwenza isibonelo.

UMasipala usubhidlize izakhiwo eziyinkinga eziwu-10 kanye nezakhiwo ezine obekuhlalwa kuzona ngokungemthetho njengengxenye yemizamo yokulwa nale nkinga.

Siqinisa ubudlelwano bethu namanye amadolobha

IKhansela Mxolisi Kaunda
IMeya yeTheku

KUYINTOKOZO ukunibikela ukuthi kunesivumelwano sokusebenzisana esisayinwe ngomhla ka-19 Septhemba phakathi kukaMasipala weTheku neDolobha laseXaimen, eChina, ukuze kuqiniswe ubudlelwano, kuqinisekiswe nokubambisana kwalawa madolobha kule minyaka emihlanu ezayo.

Lokhu kuhambisana nemigomo yesivumelwano iJoint Communique on the Establishment of Diplomatic Relations esiphakathi kweNingizimu Afrika neChina.

1H-46161	Umsebenzi wokuhlola nokudweba imigwaqo engaphelile kanye nengqalasasizinda ehambisana nayo eSifundeni sikaMasipala esiseNingizimu	2023-10-27	Eyobuchwepheshe: Sma Phiri (Ucingo) 031-322 9458 Eyenkontileka: Aliesha Ramchunder (Ucingo) 031-311 6485	80/20	Yebo, angabi ngaphansi kuka-70	Isipiliyoni sikasonkontileka – 40 Isipiliyoni sabasebenzi abamqoka – 40 Indlela yokwenza umsebenzi – 20	Yebo (Imigomo yawo wonke amathenda)	Cha	Asikho
	* Awukho umhlangano ohlelelwe abafisa ukufaka amathenda. Osonkontileka abanemibuzo kudingeka bayithumele nge-email ifike ungakadluli umhla ka 2023-10-12. Leyo mibuzo nezimpendulo zayo kuzohlanganiswa bese kushicilelwa kwi-website kaMasipala/eTenders mhla ka 2023-10-19.								
CITY FLEET UNIT Amafomu amathenda (abhalwe ngesiNgisi) nemibhalo ehambisana nawo kutholakala kule website yakwaNational Treasury: www.etenders.gov.za noma kwekaMasipala weTheku kuleli kheli: www.durban.gov.za/resource_centre/tenders . Wonke usomqulu wethenda ngalinye elifakwayo kufanele uphrintwe futhi uhlanganiswe ngokufanele usonkontileka ofaka ithenda.									
1J-22929	Ukwakhela, ukuthengisela, ukudilivela nokulungisela uMasipala amabhasi anezinjini ezingaphambili kanye nokwakhela, ukuthengisela, ukudilivela nokulungisela uMasipala amabhasi anezinjini ezingemuva alungiselwe ukwenza lula ukugibelisa abantu abenezidingo eziyisipesheli izinyanga ezingama-36	2023-10-27	Nonkululeko Gama (Ucingo) 031-322 5064	90/10	Cha	Ayikho	Yebo (Imigomo yawo wonke amathenda)	Cha	Asikho
	* Umhlangano ohlelelwe abafisa ukufaka amathenda OKUNGEYONA IMPOQO ukuwethamela ungo-10:00, mhla ka 2023-09-28, ku-MS Teams. Abafisa ukuwethamela kufanele bathumele imininingwane yabo kuli kheli le-email: Nonkululeko.Gama@durban.gov.za ungakadluli umhla ka 2023-09-27. * Imibuzo ethunyelwa nge-email kufanele ifike ungakadluli umhla ka 2023-10-12. Leyo mibuzo nezimpendulo zayo kuzohlanganiswa bese kushicilelwa kwi-website kaMasipala/eTenders mhla ka 2023-10-19.								
1J-25950	Ukuhlinzeka nokukhandela uMasipala ama-leaf spring ezimoto, o-propshaft kanye nama-exhaust lapho kunesidingo izinyanga ezingama-36	2023-10-27	Zinhle Mjadu (Ucingo) 031-322 5094	80/20	Cha	Ayikho	Yebo (Imigomo yawo wonke amathenda)	Cha	Asikho
	* Awukho umhlangano ohlelewe abafisa ukufaka amathenda. Osonkontileka abanemibuzo kudingeka bayithumele nge-email ifike ungakadluli umhla ka 2023-10-12. Leyo mibuzo nezimpendulo zayo kuzohlanganiswa bese kushicilelwa kwi-website kaMasipala/eTenders mhla ka 2023-10-19.								
1J-26076	Ukuthengisela nokudilivela uMasipala impahla eyahlukahlukeni, imishini namathuluzi ema-workshop akwa-City Fleet lapho kunesidingo izinyanga ezingama-36	2023-10-27	Eyobuchwepheshe: Simphiwe Masondo (Ucingo) 031-322 5111 Eyenkontileka: Nonkululeko Gama (Ucingo) 031-322 5064	80/20	Cha	Ayikho	Yebo (Imigomo yawo wonke amathenda)	Cha	Asikho
	* Umhlangano ohlelelwe abafisa ukufaka amathenda OKUNGEYONA IMPOQO ukuwethamela uzoba ngo-11:00-12:00, mhla ka 2023-09-28, ku-MS Teams. * Imibuzo ethunyelwa nge-email kufanele ifike ungakadluli umhla ka 2023-10-12. Leyo mibuzo nezimpendulo zayo kuzohlanganiswa bese kushicilelwa kwi-website kaMasipala/eTenders mhla ka 2023-10-19.								
ECONOMIC DEVELOPMENT UNIT Amafomu amathenda (abhalwe ngesiNgisi) nemibhalo ehambisana nawo kutholakala kule website yakwaNational Treasury: www.etenders.gov.za noma kwekaMasipala weTheku kuleli kheli: www.durban.gov.za/resource_centre/tenders . Wonke usomqulu wethenda ngalinye elifakwayo kufanele uphrintwe futhi uhlanganiswe ngokufanele usonkontileka ofaka ithenda.									
1N-26332	I-Node Precinct Plan yakwa-J eMlaza, kuWadi 83	2023-10-06	Eyobuchwepheshe: Duduzile Ntombela (Ucingo) 031-311 4098 Eyenkontileka: Nontokozo Ntuli (Ucingo) 031-311 4240	80/20	Yebo, angabi ngaphansi kuka-70	Isipiliyoni sikasonkontileka - 30 Isipiliyoni sabasebenzi abamqoka – 40 Indlela yokwenza umsebenzi – 30	Yebo (Imigomo yawo wonke amathenda)	Yebo, 10%	Asikho
	* Awukho umhlangano ohlelelwe abafisa ukufaka amathenda. Osonkontileka abanemibuzo kudingeka bayithumele nge-email ifike ungakadluli umhla ka 2023-09-28. Leyo mibuzo nezimpendulo zayo kuzohlanganiswa bese kushicilelwa kwi-website kaMasipala/eTenders mhla ka 2023-10-02.								

Inombolo yethenda	Incazelo yethenda	Usuku lokuvala	Imibuzo	Amaphuzu okufukula ababencishwe amathuba	Isigaba sokuqala sokuhlunga (Yebo / Cha) Amaphuzu awumgomo	Indlela yokuhlunga (Nesisindo)	Imigomo yokufaneleka	CPG % enikwa osonkontileka abancane (Yebo / Cha)	Isigaba se-CIDB esiilindelekile
1N-26441	Ukwenzela uMasipala ucwaningo, ukumdwebela nokuhlaziya nokuhlela iziphakamiso ezenziwayo kanye nokuhlonza izindleko zomsebenzi wokuvuselelwa kwesiiznda sezimboni saseJacobs	2023-10-06	Eyobuchwepheshe: Zwakele Mpanza (Ucingo) 031-311 4782 Eyenkontileka: Nontokozo Ntuli (Ucingo) 031-311 4240	80/20	Yebo, angabi ngaphansi kuka-70	Isipiliyoni sikasonkontileka - 30 Isipiliyoni sabasebenzi abamqoka – 40 Indlela yokwenza umsebenzi – 30	Yebo (Imigomo yawo wonke amathenda)	Cha	Asikho
	* Awukho umhlangano ohlelelwe abafisa ukufaka amathenda. Osonkontileka abanemibuzo kudingeka bayithumele nge-email ifike ungakadluli umhla ka 2023-09-28. Leyo mibuzo nezimpendulo zayo kuzohlanganiswa bese kushicilelwa kwi-website kaMasipala/eTenders mhla ka 2023-10-02.								
METRO POLICE SERVICES Amafomu amathenda (abhalwe ngesiNgisi) nemibhalo ehambisana nawo kutholakala kule website yakwaNational Treasury: www.etenders.gov.za noma kwekaMasipala weTheku kuleli kheli: www.durban.gov.za/resource_centre/tenders . Wonke usomqulu wethenda ngalinye elifakwayo kufanele uphrintwe futhi uhlanganiswe ngokufanele usonkontileka ofaka ithenda.									
1C-25098	Ukuthengisela nokudilivela umnyango wakwaMetro Police Services izibhamu ezingama-70	2023-10-27	Eyobuchwepheshe: John Voster (Ucingo) 031-311 2948 Eyenkontileka: Ndoda Mthembu (Ucingo) 031-322 7188	80/20	Cha	Ayikho	Yebo (Imigomo yawo wonke amathenda)	Cha	Asikho
	* Umhlangano ohlelelwe abafisa ukufaka amathenda OKUYIMPOQO ukuwethamela uzoba ngo-11:00, mhla ka 2023-09-28, eHhovisi 352, eNhlokohhovisi yakwaMetro Police. * Imibuzo ethunyelwa nge-email kufanele ifike ungakadluli umhla ka 2023-10-12. Leyo mibuzo nezimpendulo zayo kuzohlanganiswa bese kushicilelwa kwi-website kaMasipala/eTenders mhla ka 2023-10-19.								
RESEARCH AND POLICY ADVOCACY Amafomu amathenda (abhalwe ngesiNgisi) nemibhalo ehambisana nawo kutholakala kule website yakwaNational Treasury: www.etenders.gov.za noma kwekaMasipala weTheku kuleli kheli: www.durban.gov.za/resource_centre/tenders . Wonke usomqulu wethenda ngalinye elifakwayo kufanele uphrintwe futhi uhlanganiswe ngokufanele usonkontileka ofaka ithenda.									
7X-26631	Ucwaningo ngamazinga empilo yabantu luka-2023-24	2023-10-06	Eyobuchwepheshe: Mahlomola Lengolo (Ucingo) 031-311 4270 Email: Mahlomola.Lengolo@durban.gov.za Eyenkontileka: Veer Singh (Ucingo) 031-311 4269 Email: Veer.Singh@durban.gov.za	80/20	Yebo, angabi ngaphansi kuka-70	Isipiliyoni sokwenza ama-quantitative interview - 15 Indlela yokwenza ucwaningo - 60 Uhlelo lokusebenza nokusetshenziswa kwezidingo - 25	Yebo (Imigomo yawo wonke amathenda)	Cha	Asikho
	* Awukho umhlangano ohlelelwe abafisa ukufaka amathenda. Osonkontileka abanemibuzo kudingeka bayithumele nge-email ifike ungakadluli umhla ka 2023-09-28. Leyo mibuzo nezimpendulo zayo kuzohlanganiswa bese kushicilelwa kwi-website kaMasipala/eTenders mhla ka 2023-10-02.								
USHAKA MARINE WORLD Amafomu amathenda (abhalwe ngesiNgisi) nemibhalo ehambisana nawo kutholakala kule website yakwaNational Treasury: www.etenders.gov.za noma kwekaMasipala weTheku kuleli kheli: www.durban.gov.za/resource_centre/tenders . Wonke usomqulu wethenda ngalinye elifakwayo kufanele uphrintwe futhi uhlanganiswe ngokufanele usonkontileka ofaka ithenda.									
26324(5U)	Ukufakela UShaka Marine World izinto zokuvikela isakhiwo embanini nezokwenza i-earthing	2023-10-06	Eyobuchwepheshe: Yastin Ramsunder (Ucingo) 031-328 8000 Eyenkontileka: Londeka Didi (Ucingo) 031-328 8000	80/20	Yebo, angabi ngaphansi kuka-60	Isipiliyoni sikasonkontileka - 50 Isipiliyoni sabasebenzi abamqoka: • I-Contracts Manager - 20 • U-Foreman - 20 • I-Electrician - 10	Yebo (Imigomo yawo wonke amathenda)	Cha	Asikho
	* Umhlangano ohlelelwe abafisa ukufaka amathenda OKUYIMPOQO ukuwethamela ungo-11:00, mhla ka 2023-09-28, eShaka Marine Welcome Centre. * Imibuzo ethunyelwa nge-email kufanele ifike ungakadluli umhla ka 2023-09-28. Leyo mibuzo nezimpendulo zayo kuzohlanganiswa bese kushicilelwa kwi-website kaMasipala/eTenders mhla ka 2023-10-02.								
WATER & SANITATION UNIT Amafomu amathenda (abhalwe ngesiNgisi) nemibhalo ehambisana nawo kutholakala kule website yakwaNational Treasury: www.etenders.gov.za noma kwekaMasipala weTheku kuleli kheli: www.durban.gov.za/resource_centre/tenders . Wonke usomqulu wethenda ngalinye elifakwayo kufanele uphrintwe futhi uhlanganiswe ngokufanele usonkontileka ofaka ithenda.									
WS-7398	Ukulungiswa kwepayipi elithutha indle eliku-33 ML Sultan	2023-10-06	Lungelo Nzama (Ucingo) 031-311 8587	80/20	Yebo, angabi ngaphansi kuka-60	Isipiliyoni sikasonkontileka – 40 Abasebenzi abamqoka: • U-Site Agent – 30 • O-Foreman – 20 Uhlelo oluhlongozwayo - 05 Indlela yokwakha nokulawula amazinga abekiwe - 05	Yebo (Imigomo yawo wonke amathenda, iCIDB nesipiliyoni)	Yebo, 30%	3CE noma ngaphezulu
	* Umhlangano ohlelelwe abafisa ukufaka amathenda OKUYIMPOQO ukuwethamela ungo-10:00, mhla ka 2023-09-28, eSt Aidans Church, ku-ML Sultan Road. * Imibuzo ethunyelwa nge-email kufanele ifike ungakadluli umhla ka 2023-09-28. Leyo mibuzo nezimpendulo zayo kuzohlanganiswa bese kushicilelwa kwi-website kaMasipala/eTenders mhla ka 2023-10-02.								

ETHEKWINI MUNICIPALITY

JOBS NOT FOR SALE!

REPORT SCAM TO
City Integrity Unit
0800 20 20 20
SAPS
10111

Inombolo yethenda	Incazelo yethenda	Usuku lokuvala	Imibuzo	Amaphuzu okufukula ababencishwe amathuba	Isigaba sokuqala sokuhlunga (Yebo / Cha) Amaphuzu awumgomo	Indlela yokuhlunga (Nesisindo)	Imigomo yokufaneleka	CPG % enikwa osonkontileka abancane (Yebo / Cha)	Isigaba se-CIDB esilindelekile
WS-7598	Ukuthengisela nokudilivela uMasipala imishini ephathwa ngesandla yeGNSS survey	2023-10-06	Keshlen Reddy (Ucingo) 031-311 8018 Email: Keshlen.reddy@durban.gov.za	80/20	Cha	Ayikho	Yebo (Imigomo yawo wonke amathenda)	Cha	Asikho
	* Umhlangano ohlelelwe abafisa ukufaka amathenda OKUYIMPOQO ukuwethamela ungo-10:00 kuya ku-12:00, mhla ka 2023-09-28, eBoardroom 301, Water & Sanitation Headquarters, 3 Prior Road, eThekwini. * Imibuzo ethunyelwa nge-email kufanele ifike ungakadluli umhla ka 2023-09-28. Leyo mibuzo nezimpendulo zayo kuzohlanganiswa bese kushicilelwa kwi-website kaMasipala/eTenders mhla ka 2023-10-02.								
WS-7715	Ukulungiswa kwe-Mbilo Waste Water Treatment Works kanye ne-Upstream Catchment Network - kuWadi 18	2023-10-27	Eyobuchwepheshe: Siduduzo Mtshali (Ucingo) 031-311 8794 Eyenkontileka: Gugu Sibiya (Ucingo) 031-311 8387	90/10	Yebo, angabi ngaphansi kuka-70	Isipiliyoni sikasonkontileka – 40 I-Organogram yephrojekthi nesipiliyoni sabasebenzi abamqoka - 30 Uhlelo oluhlongozwayo - 10 Indlela yokwakha nokulawula amazinga abekiwe - 20	Yebo (Imigomo yawo wonke amathenda, CIDB nesipiliyoni)	Yebo, 30%	9CE
	* Umhlangano ohlelelwe abafisa ukufaka amathenda OKUYIMPOQO ukuwethamela ungo-10:00, mhla ka 2023-09-28, eMbilo Wastewater Treatment Works, ekugcineni kuka-Boom Street, eParadise Valley. * Imibuzo ethunyelwa nge-email kufanele ifike ungakadluli umhla ka 2023-10-12 kuleli kheli: Siduduzo.Mtshali@durban.gov.za . Leyo mibuzo nezimpendulo zayo kuzohlanganiswa bese kushicilelwa kwi-website kaMasipala/eTenders mhla ka 2023-10-19.								
WS-7740	Ukulungiswa kweSouthern Aqueduct: Iphakheji yomsebenzi #01 Ukulungiswa kweSouthern Aqueduct: Iphakheji yomsebenzi #02	2023-10-27	Eyobuchwepheshe: Siduduzo Mtshali (Ucingo) 031-311 8794 Eyenkontileka: Gugu Sibiya (Ucingo) 031-311 8387	90/10	Yebo, angabi ngaphansi kuka-70	Isipiliyoni sikasonkontileka – 40 I-Organogram yephrojekthi nesipiliyoni sabasebenzi abamqoka - 30 Uhlelo oluhlongozwayo - 10 Indlela yokwakha nokulawula amazinga abekiwe - 20	Yebo (Imigomo yawo wonke amathenda, CIDB nesipiliyoni)	Yebo, 30%	9CE
	* Umhlangano ohlelelwe abafisa ukufaka amathenda OKUYIMPOQO ukuwethamela ungo-12:00, mhla ka 2023-09-28, eChatsworth Reservoir. * Imibuzo ethunyelwa nge-email kufanele ifike ungakadluli umhla ka 2023-10-12 kuleli kheli: Siduduzo.Mtshali@durban.gov.za . Leyo mibuzo nezimpendulo zayo kuzohlanganiswa bese kushicilelwa kwi-website kaMasipala/eTenders mhla ka 2023-10-19.								

DATABASE FOR EMPLOYMENT CANDIDATES FOR PEOPLE WITH DISABILITIES

Ref: ETM/Database/2023/24

Ethekwini Municipality is in the process of establishing a database of suitably qualified People with Disabilities who can be considered for appointment as employees for Top management, Senior management and Professionally qualified levels when these posts are advertised for filling in terms of employment equity target of the Municipality. The Municipality will attempt to alert the suitable candidates in its database when a post is advertised.

Applications are hereby invited for suitably qualified People with Disabilities to express an interest in being in the Municipality's database of potential Top management, Senior management and Professionally qualified service members. A doctor's report confirming the disability of the candidate should accompany the application.

APPLICATIONS: Application quoting reference number must be sent to Mr. Sbonelo Mseleku via email, Sbonelo.Mseleku@durban.gov.za. Hand delivered applications must be delivered to the Employment Equity Office, 4th floor Shell House, 221 Anton Lembede Street, Durban 4001.

Closing Date: 27 October 2023: Applicants are required to submit a completed application form obtained from the Centre of Excellence, 21 Archie Gumede Street Durban 4001. Certified copies of qualifications, bar coded Identity document, academic records and comprehensive Curriculum Vitae must accompany these forms. Candidates must indicate the number of this circular and the reference number as a reference. Candidates requiring additional information must direct their enquiries telephonically to the person indicated below.

Enquiries: Sbonelo Mseleku 031 311 3160

ISAZISO NO. 2876

UKUVALWA OKUHLONGOZWAYO KWENGXENYE YOMGWAQO NOKUDAYISA NGENHLOSO YEBHIZINISI LOKUPAKA IZIMOTO KU PROPOSED PORTION KA ERF 1069 UMHLATUZANA

Lesi yisaziso ngaphansi kweSigaba 14 soMthetho uMunicipal Finance Management Act No. 56 ka-2003 kanye neMithethonqubo kaMasipala elawula ezokuthengiselana noMasipala, sokuthi kuyinhloso kaMasipala ukudayisela, ngesivumelwano sangasese umnikazi ka-Erf 296 Umhlatuzana, umhlaba ochazwe njengoProposed Portion [A] of Erf 1069 Umhlatuzana, olinganiselwa ku-171m² ubukhulu, okhonjiswe ePulanini SJ 4841/5, oncikene nakwanombolo 42 Collier Avenue, ngentengo engu-R257 000.00 (ingakafakwa intela yentengo).

Imininingwane yokudayiselana, kanye nepulani ekhombisa indawo ezovalwa bese iyadayiswa, kungabonwa ehhovisi leNhloko: Real Estate, 6th Floor, Embassy Building, 199 Anton Lembede (Smith) Street, eThekwini.

Imibuzo kufanele ibhekiswe kuNks. K. Mchunu, Ucingo: 031-311 4390, email: Khanyisile.Mchunu@durban.gov.za , phakathi kuka-07:30 no 16:00, ngeMisombuluko kuya koLwesihlanu, isikhathi esiyizinsuku ezingama-30 kusukela ngoLwesihlanu, mhla ka 2023-09-22 kuya ngoMsombuluko mhla ka 2023-10-23.

Imibono noma ukuphikisana nalokhu okuhlongozwayo lapha kuyothathwa njengokwanelisa izidingo ezifanele zokuba kubhekwe uma:-

(a) Amagama aphelele, izinombolo zikamazisi nekheli lendawo kanye nemininingwane yokuxhumana nombhali kubhaliwe encwadini equkethe izikhalazo noma imibono;

(b) Umbhali echaza ngokuphelele ukuthi uthinteka kanjani ngalokhu okuhlongozwayo lapha;

(c) Kunemininingwane ephelele yezizathu zemibono noma ukuphikisana kwakhe nalokhu okuhlongozwayo; futhi

(d) Kuthi kushaya ihora lika-17:00 mhla ka 2023-10-23 incwadi equkethe izikhalazo noma imibono ibe isifikile kuleli kheli: Office of the City Manager, City Hall, Dr Pixley Ka-Isaka Seme Street, Durban.

Uma kwenzeka umbhali wencwadi engazanelisi lezi zidingo ezisohleni olungenhla, uMasipala waseThekwini uyoyishaya indiva imibono noma ukuphikisana kwakhe nalokhu okuhlongozwayo lapha.

TB Mbhele
IMenenja yeDolobha

UMASIPALA UHLINZEKA

OSOMABHIZINISI ABANCANE NGOSIZO LOKUGCINWA KWAMABHUKU

Usizo oluhlinzekwayo lufaka lokhu:

- Ukuqoshwa kokusebenza kwezimali
- Ukuqoshwa kwemali ibhizinisi eliyisebenzisayo neliyitholayo
- Ukuqoshwa kwama-invoice nezinkokhelo
- Nokubhalwa kwezimali nezikweletu kwi-akhawunti efanele.

UKUZE USIZWE NGOKUGCINA AMABHUKU, BEKISA INDAWO MANJE NGOKUSEBENZISA LE MININGWANE:

031 322 9971
Accountspay.Statement@durban.gov.za
SMME Helpdesk, SEDA Office Park, 127 Johannes Nkosi Street

UMASIPALA WETHEKU UZINIKELE EKWESEKENI UKUKHULA NOKUSIMAMA KWAMABHIZINISI AMANCANE

ISAZISO SOMPHAKATHI

KUMENYWA IZICELO ZOKUFUNDISA OHLELWENI LWEZOBUCIKO

UMASIPALA weTheku umema amaciko aneziqu emkhakheni wezobuciko (visual art) ukuba afake izicelo zokufundisa ohlelweni lwezobuciko i-Art for All Outreach Programme. Lolu hlelo lukaMasipala kuhloswe ngalo ukuthuthukisa indlela imiphakathi yaseThekwini engenawo amathuba anele efinyelela ngayo ezinhlelweni nezinsiza zezobuciko.

Inhloso yalolu hlelo wukuhlomisa amaciko ngamakhono afanele azowasiza athole amathuba, kwazise ubuciko bunomthelela ekukhuleni komnotho futhi bakha amathuba omsebenzi.

UMSEBENZI WALOWO OZOFUNDISA:

1. Ukuqhuba lolu hlelo izinsuku ezintathu ngesonto endaweni esazohlonzwa i.e. emtapweni wolwazi, ehholo lomphakathi noma esikhungweni sikaSizakala.
2. Ukumema amanye amaciko endawo ukuba azobamba iqhaza ohlelweni.
3. Ukwenza uhlu lwezinhlelo nezifundo zalabo abazobamba iqhaza.
4. Ukuhlela nokuqhuba imibukiso yendawo ukuze kuthuthukiswe lo mkhakha.
5. Ukuxhumana nezikole zendawo ukuze kusetshenziswane nazo kulolu hlelo.

OKUDINGEKAYO:

1. Ikhophi kamasizi waseNingizimu Afrika efungelwe.
2. Ubufakazi bendawo yokuhlala: abafaka izicelo kumele babe ngabahlala eThekwini.
3. Iziqu okungaba yisitifiketi/i-diploma/i-degree/ezifundweni zobuciko (Fine Art/Visual Art) ezitholwe esikhungweni esigunyaziwe.
4. Umsebenzi walowo ofaka isicelo okhombisa amakhono kule mikhakha.
5. Incwadi eyikhasi elilodwa echaza ukuthi kungani ufanelekile ukuqashwa.
6. Incwadi yezincomo ebhalwe yikhansela lewadi.

Abanesifiso sokufaka izicelo kumele bahambise izicelo zabo eDurban Art Gallery, 2nd floor, eCity Hall, ku-Anton Lembede Street (obuwuSmith Street phambilini) kungakashayi u-2 ntambama ngomhla ka-29 Septemba 2023. Izicelo ezifike sekwedlule isikhathi ngeke zamukelwe.

Qaphela: Uma kuphela izinsuku eziwu-30 ngemuva kosuku lokuvala ungayitholanga impendulo evela kuMasipala weTheku, sicela uthathe isicelo sakho njengesingaphumelelanga. Uma unemibuzo, shayela ku-031 311 2274 noma uthumele i-email ku-nothando.mkhize1@durban.gov.za.

Ngo 2030 iTheku liyobe lingu ngqa phambili

ISAZISO SOMPHAKATHI

ISICELO ESIYA EMNYANGWENI WEZAMAHLATHI, EZOKUDOBA NEZEMVELO SEMVUME YOKUCHITHELWA KWAMANZI OGWINI YIMANZIMTOTI WASTEWATER TREATMENT WORKS NGAPHANSI KWESIGABA 69 SOMTHETHO WEZOKUPHATHWA KOGU (UMTHETHO NO. 24 KA-2008)

Lesi yisaziso ngaphansi kweSigaba 69 soMthetho Wezokuphathwa Kogu (UMthetho No. 24 ka-2008) sokuthi uMasipala weTheku uzofaka isicelo eMnyangweni Wezamahlathi, Ezokudoba Nezemvelo semvume yokuchithelwa kwamanzi ogwini yiManzimtoti Wastewater Treatment Works (WWTW).

IManzimtoti WWTW iyindawo okuhlanzwa kuyona udaka olungu-30ML ngosuku, esogwini oluseNingizimu. Ukungcola okuwuketshezi okuhlanzwa kule ndawo kulawulwa ngethangi elikhulu bese kuhlungwa, kuhlukaniswe. Le ndawo ibe isihlukanisa kabili, kube eyesigaba sokuqala okuzikiswa kusona kanye neyesigaba sesibili. Uketshezi oluphuma lapho lube selubulawa amagciwane emagunjini amabili ngaphambi kokuba luchithelwe emfuleni eZimbokodweni. Udaka olusalayo lube selufakwa kwamanye amagumbi amabili ngenhloso yokuba luqine ngaphambi kokuba lunyangwe izigaba ezimbili ezilandelwa wukuba luthuthwe ngamaloli lususwa kule ndawo luhanjiswa lapho luzolahlwa khona.

Isicelo kanye nezithasiselo ezihambisana naso kutholakala kuleli kheli:
AMANZIMTOTI WASTEWATER TREATMENT WORKS
02 NYATI ROAD
AMANZIMTOTI
4126

Noma ngokucelwa nge-mail kuleli kheli: **selina.govender2@durban.gov.za**
Abafisa ukuphawula kufanele bathumele imibono yabo nge-email kuleli kheli: **selina.govender2@durban.gov.za engakashayi umhla ka 31 October 2023**

Ngo-2030 iTheku liyobe lingu ngqa phambili

ISAZISO SOMPHAKATHI

UKUCHITSHIYELWA KWENKONTILEKA

Lesi yisaziso ngokwesigaba 116(3)(a) no-(b), somthetho i-Municipal Finance Management Act mayelana nokuchitshiyelwa okuhlongozwayo kwale nkontileka egagulwe lapha ngezansi:

Inombolo yenkontileka	Igama lephrojekthi	Incazelo yokuqala yenkontileka	Incazelo echitshiyelwe yenkontileka	Izizathu zokuyichibiyela
Inkontileka 1H-32950 Eyanikwa laba abalandelayo: Gralio Precast United African Civils (Pty) Ltd, Zikhulise Group, Siqu Group (Pty) Ltd, Stedone Developments (Pty) Ltd, Minerat Construction & Civils cc, Reclaim Africa Contractors Mhla ka 30 Septhemba 2020	Iphrojekthi yokwakhiwa kwezindlu eMqhawe – kuWadi 44 no-108	Ukwakhiwa kwezindu eyi-1500 eMqhawe – izindlu ezingama-250 usonkontileka ngamunye Amanani okuqala enkontileka = Gralio Precast United African Civils (Pty) Ltd : R 27 511 005.50 Zikhulise Group : R 24 632 100.46 Siqu Group (Pty) Ltd: R 27 898 073.53 Stedone Developments (Pty) Ltd: R 30 142 040.00 Minerat Construction & Civils cc: R 29 136 250.00 Reclaim Africa Contractors: R 30 142 040.00	Umsebenzi ochitshiyelwe ufaka umsebenzi owengeziwe wezindlela zokungena kanye nowokumba okubalwa kuwona nezindonga zokweseka. Inani elengeziwe lenkontileka= R33 010 500.00 (ingakafakwa intela yentengo).	Ngenxa yezimo zomhlaba ezingezinhle, izinselelo okwahlangatshezwana nazo zenza kwaba nesidingo sokuba kwenziwe umsebenzi owengeziwe. Kulezi zinselelo kubalwa ukuma kabi kwendawo okwakhiwa kuyona, iziza ezinamanzi ezidinga ukukhishwa amanzi, ukulethwa komhlabathi owengeziwe, amaplathifomu angasikiwe ngokwanele, ukwenyuswa kobukhulu beziza, ukwakha indlela yokungena ezizeni. Incazelo echitshiyelwe yomsebenzi izoqinisekisa ukuthotshelwa komthetho kanye namazinga nemigomo yakwa-NHBRC.

Kumenywa abathintekayo ukuba bathumele abafisa ukukusho engakadluli umhlaka 27 Okthoba 2023 kuleli kheli: The City Manager, 6th Floor, City Engineers Building, 166 K.E. Masinga Road, Durban.

Mayelana nemibuzo: Zak Sadick noma uHlengiwe Mbatha, Ucingo: 031-311 2472 noma 031-311 2483, email: Zak.Sadick@durban.gov.za noma Hlengiwe.Mbatha@durban.gov.za

TB Mbhele
iMenenja yeDolobha

ISAZISO SOMPHAKA

UKUCHITSHIYELWA KWENKONTILEKA

Lesi yisaziso ngokwesigaba 116(3)(a) no-(b), somthetho i-Municipal Finance Management Act mayelana nokuchitshiyelwa okuhlongozwayo kwale nkontileka egagulwe lapha ngezansi:

Inombolo yenkontileka	Igama lephrojekthi	Incazelo yokuqala yenkontileka	Incazelo echitshiyelwe yenkontileka	Izizathu zokuyichibiyela
Inkontileka 1T-45729	Ukuhlelwa kabusha nokunwetshwa kuka-Inanda Arterial Road obheke ngaseNtshonalanga, phakathi kukaTeakfield Road noChris Hani Road	Incazelo yokuqala yomsebenzi yayifaka ukuhlelwa kabusha nokunwetshwa kuka-Inanda Arterial Road obheke ngaseNtshonalanga, phakathi kukaTeakfield Road noChris Hani Road	Umsebenzi ochitshiyelwe ufaka ukuqedelwa komsebenzi ongaphelanga ngenxa yezinguquko ezazingalindelekile ezithinta ezobuchwepheshe kanye nama-oda omsebenzi okudingeke ukuba akhishwe ngenjongo yokubhekana nezimo zezobuchwepheshe, ezokusebenza kanye nezokusingathwa kwezinhlaka okusetshenziswana nazo kule ndawo okwakhiwa kuyona. Zonke izinkinga sezixazululekile manje ngakho-ke kunesidingo sokuchibiyela inkontileka ukuze kuqedelwe umsebenzi ongaphelanga.	Izimo ebezingalindelwe kanye nomsebenzi wokwengeza okudingeke ukuba wenziwe kuholele ekwenyukeni kwemali ebiyabelwe le nkontileka kanye nokwelulwa kwesikhathi ebibekelwe sona sokwenza nokuphothula umsebenzi. Ngaphezu kwalokhu, ukubambezeleka obekungahleliwe ezinhlelweni zokuthenga nokuholele ekulibaleni ekusetshenzisweni kwemali ngaphansi kwesabelo esibizwa nge-Public Transport Network Grant (PTNG) ngonyaka wezimali ka 2022/23 kudale ukuba kudingeke uMnyango ubheke izindlela zokuphuthumisa izinhlelo zezinkontileka maqondana no-C1 WP4B ongachazwa ngokuthi *Ukwakhiwa kwemizila ebheke ngaseMpumalanga yohlelo olusha lwezithuthi zomphakathi lukaMasipala emgwaqweni u-Inanda Arterial, phakathi kukaTeakfield Road noChris Hani Road.*

Kumenywa abathintekayo ukuba bathumele abafisa ukukusho engakadluli umhlaka 27 Okthoba 2023 kuleli kheli: The City Manager, 6th Floor, City Engineers Building, 166 KE Masinga Road, Durban

Mayelana nemibuzo: Mpho Makhanya, Ucingo: 031-311 7196, email: Mpho.Makhanya@durban.gov.za

TB Mbhele
iMenenja yeDolobha

ETHEKWINI MUNICIPALITY
JOBS NOT FOR SALE!
REPORT SCAM TO
City Integrity Unit
0800 20 20 20
SAPS
10111

ISAZISO SOMPHAKATHI

KUFUNWA ABABHALISELA IZINDLU ZASE-HARMONY HEIGHTS (E-NEW GERMANY), KUWADI 21

Kucelwa bonke laba bantu amagama abo akulo luhla olulapha ngenzansi, ababhalisela izindlu zaseHarmony Heights, eNew Germany, kuWadi 21, ukuba baphuthume ehhovisi loMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu (Human Settlement) elikwanombolo 90 Qashana Khuzwayo Road, eNew Germany. Bayacelwa ukuthi bafike zingakapheli izinsuku ezingamashumi amathathu nanye (31) kuphume lesi saziso, ngeMisombuluko kuya koLwesihlanu, phakathi nezinsuku, kusukela ngo-08:00 ekuseni kuya ku-15:00 ntambama.

Bayacelwa ukuba baphathe omazisi babo uma beza kuleli hhovisi. Ukungakwenzi lokhu kuzoholela ekutheni akhishwe amagama abo ohlwini lokuthola izindlu lwalo mnyango (HSS). Mayelana nemibuzo neminye imininingwane ngalolu daba kufanele kushayelwe kulezi zinombolo zocingo: 031-311 6505 (Mbali Hlatshwayo) noma 031-311 6490 (Nhlanhla Mthethwa) noma 031-311 6518 (Reception).

NO	ISIBONGO	AMAGAMA	INOMBOLO KAMAZISI	SAHAMBA KANJANI ISICELO	IGAMA LEPHROJEKTHI	INANI LOMXHASO	USUKU KWA-PHB	ISIZA
1	NKOSI	NTOMBOVUYO VIOLET	5404100485080	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	101
2	MAHLATHI	JOHNSON ZWELANDILE	6205205920084	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	102
3	MOTAUNG	PAULINAH NTHIBSENG	5606120847081	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	105
4	GUMEDE	JABULILE GLADY	4712200559082	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	109
5	NDWANDWE	THULI BONGINKOSI	7501105533087	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	11
6	NGUBANE	RICHARD BONGINKOSI	5701035703089	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	113
7	BAKAQANA	WINFRRED NTOMBIZODWA	3706060675088	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R17,250.00	14/10/2002	12
8	CIHA	THENJIWE ANNATOLA	5603310623083	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	125
9	BUTALION	IRIS	5610030218086	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	126
10	MADIBA	NOMFANELO ESTHER	5112260614183	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	156
11	MTSHALI	MPISI MZIWAKHE	5209105851085	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	163
12	SISHI	FELICITY THOLAKELE	6608150514085	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	170
13	LINDA	THERESA THOMBI	5701011187083	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	171
14	MWELASE	NATALIA DUDUZILE	7210280629088	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	172
15	NALA	NELISIWE VENENCIA	7104080595088	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	183
16	DLAMINI	BANGIFISELANI PORTIA	7610100257087	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	184
17	ZUMA	BAZINI ZANELE	7106100715083	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	17/08/2009	189F
18	TENZA	PATRICIA BONGIWE	6008260169088	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	192
19	GWALA	THOLAKELE PATRICIA	650501656082	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	197
20	YENI	ZANILE PROMISE	6711240745089	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	200
21	MKHIZE	NTOMBIZETHU NONHLANHLA	7607020377086	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R17,250.00	26/04/2004	225
22	MBHELE	CYPRIAN SIPHO	7312225469081	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	301
23	MNCWABE	MTHETHELELI ENOCK	7403245418081	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	303
24	NZIMANDE	THANDEKILE ELIZABETH	5309300683083	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	309
25	NDLOVU	NOKUTHULA GRACE	5002190275082	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	31
26	ZONDO	GLADYS	4910030631085	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	313
27	NGCOBO	NOKULUNGA PRODENCE	7408040443085	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	316
28	GIDIGIDI	ANTOINETTE	7006150458081	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	321
29	QWABE	WILLIE NHLAKANIPHO	7206266372081	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	322
30	NTANZI	SENZELENI	4508110398086	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	325
31	KHOWA	MAMBREY SIMANGELE	6712030596088	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	328
32	NOMANDINDI	MLUNGISI	7307155108089	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	329
33	NTULI	SINDISIWE CINDY	7306180320087	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	331
34	NDLOVU	DERRIXK SIPHO	6308055574082	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	333
35	ZONDI	THULISILE MERCY	4709010380089	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	334
36	DONTSA	WILFRED MOKHETHI	5906975312085	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	336
37	GUMEDE	NOZIPHO THALILE	7012270561085	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	337
38	KHWELA	NONCEBA ROSE	6006140726085	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	34
39	MAKHATHINI	GCINEKILE HENIETTA	3006030300085	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	340
40	DLAMINI	LINDIWE FLORENCE	6402089634084	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	352
41	MAHANJANA	TEMBISA	6306230957081	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	36
42	MHLONGO	SIBONGILE LANRENTINA	6303070384088	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	4
43	DLUDLA	FLORENCE MINIZA	5909140490084	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	45
44	MADONDO	FLORENCE	3908200362086	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	48
45	GEBE	VOVILE WILLIAM	4403205134085	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	58
46	SITHOLE	VEZILE NOMUSA	6312190508088	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R17,250.00	01/07/2004	61
47	MYEZA	FIKILE JOHN	5802135235087	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	62
48	TYEBA	BEKUYISE CHRISTOPHER	6204046770089	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	66
49	MKHIZE	JOYCE BUSANGANI	5705100805083	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	66
50	MASUKU	THULILE ANNATORIA	7007110664081	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	72
51	GALELA	QALIWE CYTHIA	5607060910087	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	73
52	MSOMI	ROBERT ZWANINI	6204045780089	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	77
53	MDIKELI	NOMSA VICTORIA	6606061994081	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	800
54	MTUNGWA	ZANELE DORIS	6701020591084	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	81
55	PAKKIES	SUSAN MALESAWANA	4608120406083	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	90
56	BUTHELEZI	MADINA THOBEKILE	5602030413080	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	92
57	CUMBI	RITTAH JUDITH	7209260981089	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	93
58	MHLONGO	SAMUEL SIPHO	6504295324086	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	98
59	NTANZI	MTHETHOKWAKHE ERNEST	6802055355088	SAPHUMELELA	HARMONY HEIGHTS	R25,800.00	02/06/1995	99

T*B Mbhele*
iMenenja yeDolobha

ISAZISO NGOKWESIGABA 33 SOMTHETHO WOKUPHATHWA KWEZIMALI ZOMASIPALA WOHULUMENI BASEKHAYA, NO. 56 KA 2003

LAPHA KUKHISHWA ISAZISO ngokweSigaba 33 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala woHulumeni Basekhaya, No. 56 ka 2003, sokuthi uMasipala waseThekwini uhlose ukungena esiVumelwaneni Sokusebenzisa Amanzi ("IsiVumelwano Sokusebenzisa Amanzi") noMngeni-uThukela Water ukuze kuhlinzekwe amanzi mayelana no-Phase 1 woMkhomazi Water Project (uMWP-1) – Amanzi Angaphehliwe. IsiVumelwano Sokusebenzisa Amanzi sikhuluma ngezindleko ezizokhokhwa wuMasipala isikhathi esingaphezu kweminyaka emithathu (3) okuyimali ezokhokhwa ngokwesabelomali sonyaka wezimali ka-2024/2025.

I-Trans-Caledon Tunnel Authority (TCTA) iyona ezokwenza umsebenzi we-uMWP-1 egameni loMnyango Wezamanzi Nokuthuthwa Kwendle kaZwelonke (DWS), kanti uMngeni-uThukela Water (UW) yiwona onejoka lokubhekana nodaba lokuhlinzekwa kwamanzi ahlanzekile kule phrojekthi. I-TCTA iphinde yayalelwa ukuba izame ukuthungatha imali esizosetshenziswa kwi-uMWP-1 kanti kumanje isebenzisana ne-Infrastructure Fund (IF) ukuze kutholakale izixazululo ezinembayo mayelana nezimali.

Izimali eziphelele ezizodingeka emsebenzini we-uMWP-1 zizokwaziwa uma lo msebenzi usuphothuliwe, okulindeleke ukuthi kube wunyaka wezimali ka-2031/32. Amatharifu okukhokhwa kwemali yephrojekthi azoqala ku R2,139/m³ bese eqhubeka njalo iminyaka ewu-20 azokhokhwa ngayo. Kulindeleke ukuthi amatharifu enyuke cishe nge-CPI kuze kube wu-2038/39, ngaphambi kokuthi ehle ayozinza ku R1,790/m³ kuleso sikhathi esizobe sisasele. Kudingeka ukuthi isiVumelwano Sokusebenzisa Amanzi siphothulwe kusenesikhathi ngaphambi kokuqala kwezinkontileka zokwakhiwa kuka-uMWP-1, ukuze iTCTA ithole igunya kuNgqongqoshe Wezamanzi Nokuthuthwa Kwendle, ngokuvumelana noNgqongqoshe Wezezimali, lokuthungatha izimali ezidingekayo ukuze kwakhiwe le phrojekthi.

KUKHISHWA ISAZISO FUTHI ngokuhambisana neSigaba 21A soMthetho Wezinhlaka Zomasipala Wohulumeni Basekhaya, No. 32 ka 2000 sokuthi:

(a) Umphakathi nabanye abantu abathintekayo bayamenywa ukuba balethe imibono nezimvo zabo kuMasipala mayelana nalesi sivumelwano esihlongozwayo. Leyo mibono noma izimvo kumele kulethwe engakedluli umhla ka **10 Novemba 2023** kusetshenziwa i-email, ekhelini le-email elihlinzekwe ngezansi noma kuhanjiswe ngesandla ekhelini elihlinzekwe ngezansi. Amakhophi agayiwe alesi sivumelwano esihlongozwayo kanjalo nesitatimende solwazi esichaza kafushane izibopho zikaMasipala mayelana nalesi sivumelwano esihlongozwayo kuyatholakala ukuze kubhekwe ezindaweni ezibalwe lapha ngezansi kanti amakhophi ekhompyutha wona ungawavula ku-www.durban.gov.za (okuyiwebhusayithi esemthethweni kaMasipala). Ukuze uthole le miqulu, ngena engosini enesihloko esithi government bese ukhetha u-documents>public notices> public notices 2023>September 2023

(b) Eminye imininingwane eyengeziwe nezincazelo kungacelwa ngokuthumela i-email ku **Tarryn.bartholomew@durban.gov.za** futhi kuyobe sekuvezwa kule webhusayithi engenhla.

(c) Ngokuhambisana nesigatshana 4, abantu abakhubazekile noma abangakwazi ukubhala kodwa abafuna ukubamba iqhaza kulolu hlelo bangazifikela mathupha eNhloko-hhovisi yakwa-**Water and Sanitation kuMasipala ngamahora ejwayelekile okusebenza, ku-3 Prior Road, Durban, 4001,** lapho beyofike bathole khona usizo kubasebenzi abayobalekelela ukubachazela nokubabhalela imibono nezimvo zabo.

IMENENJA YEDOLOBHA KUMASIPALA WASETHEKWINI

Ngo-2030 iTheku liyobe lingu ngqa phambili

ISAZISO NO. 2875

UKUHOXISWA KWAMALUNGELO ENDLELA YOKUDLULA KUPORTION 4 OF ERF 313556 PINETOWN, OKWANOMBOLO 63 CHESTER ROAD

Lesi yisaziso ngaphansi kweSigaba 14)(a) no-(b) somthetho uLocal Government: Municipal Finance Management Act sifundwa noMthethonqubo 5(1)(b), 7 & 11 weMithethonqubo eyaziwa nge-Municipal Asset Transfer Regulations, 2008 kanye neNqubomgomo kaMasipala weTheku elawula ezokuchithwa komhlaba kanye nokunikezwa kwamalungelo omhlaba eyaphasiswa uMkhandlu mhla ka 15 Agasti 2023, ukuthi kuyinhloso kaMasipala weTheku ukuhoxisa amalungelo endlela yokudlula kuPortion 4 of Erf 31556, Pinetown, Registration Division FT, eSifundazweni saKwaZulu Natali, olinganiselwa ku-133m² ubukhulu, okhonjiswe ePulanini SJ4863/8, nokunikeza le ndawo ebibekelwe umgwaqo umnikazi ka-Portion 1 of Erf 31556 Pinetown, ngentengo engu-R39 000.00 (amarandi ayizinkulungwane ezingamashumi amathathu nesishiyagalolunye), ingakafakwa intela yentengo.

Imininingwane yemibandela yokudayiselana kanye nepulani ekhombisa le ndawo kungabonwa ehhovisi leNhloko: Real Estate, 6th Floor, Embassy Building, 199 Anton Lembede (Smith) Street, eThekwini.

Imibuzo kufanele ibhekiswe kuNks. T.C. Biyela noma uBraveman Hlubi kule nombolo yocingo: 031-311 4387 (Inkomba: 17/2/1/2/3/62/51), phakathi kuka-07:30 no-16:00, ngeMisombuluko kuya koLwesihlanu, isikhathi esiyizinsuku ezingama-31 kusukela ngoLwesihlanu, mhla ka 2023-09-22 kuya ngoMsombuluko, mhla ka 2023-10-23.

Imibono noma ukuphikisana nalokhu okuhlongozwayo lapha kuyothathwa njengokwanelisa izidingo ezifanele zokuba kubhekwe uma:-

(a) Amagama aphelele, izinombolo zikamazisi nekheli lendawo kanye nemininingwane yokuxhumana nombhali kubhaliwe encwadini equkethe izikhalazo noma imibono;

(b) Umbhali echaza ngokuphelele ukuthi uthinteka kanjani ngalokhu okuhlongozwayo lapha;

(c) Kunemininingwane ephelele yezizathu zemibono noma ukuphikisana kwakhe nalokhu okuhlongozwayo; futhi

(d) Kuthi kushaya ihora lika-17:00 mhla ka 2023-10-23 incwadi equkethe izikhalazo noma imibono ibe isifikile kuleli kheli: Office of the City Manager, City Hall, Dr Pixley Ka-Isaka Seme Street, Durban.

Uma kwenzeka umbhali wencwadi engazanelisi lezi zidingo ezisohleni olungenhla, uMasipala waseThekwini uyoyishaya indiva imibono noma ukuphikisana kwakhe nalokhu okuhlongozwayo lapha.

TB Mbhele
IMenenja yeDolobha

ETHEKWINI MUNICIPALITY
JOBS NOT FOR SALE!
REPORT SCAM TO
City Integrity Unit
0800 20 20 20
SAPS
10111

METRO
ezasegagasini
EZEMIDLALO
NOKUNGCEBELEKA

Abasiki bengqephu benze ezibukwayo

NONDUDUZO NGCONGO

ABASIKI bengqephu bashiye izethameli zombukiso wemfashini, iDurban Fashion Fair (DFF), zihlabeke umxhwele ngobuciko babo njengoba izethameli zize zasukuma zama ngezinyawo zihalalisela abanye balaba basiki bengqephu. Lo mbukiso oqale ngomhla ka-20 Septhemba uvulwe ngegiya eliphezulu.

I-DFF esonyakeni wesi-12 ingomunye wemicimbi ephambili emicimbini yemfashini. Lo mbukiso ububanjelwe eNkosi Albert Luthuli International Convention Centre ngaphansi kwendikimba ethi 'Shades of Liberation' kanti uqhubeke kwaze kwaba wumhla ka-22 Septhemba.

Ngaphezu kwemibukiso yemfashini, bekukhona izindawo zokukhangisa eziwu-15 lapho khona abasiki bengqephu balapha ekhaya bekhangise ngemikhiqizo yabo, okugqugquzele abebehambele lo mcimbi ukuthi bathenge futhi baseke amabhizinisi endawo.

Ovule inkudla kwiDFF kube ngumsiki wengqephu omusha kulo mkhakha, uSanele Paul Sibisi, wePaul Kotini Designs.

USibisi uthe ngemuva kombukiso wakhe, uqale wathola imibuzo ngemikhiqizo yakhe anethemba lokuthi izoholela ekutheni athole ama-oda.

USihle Dlezi weYatsar Fashion House ohlabane ngendondo yeBest Collection of the Week kumaDFF Recognition Awards ngonyaka owedlule, uhlanyise abathandi bengqephu ngemisiko yakhe yombala ophuzi.

Umsiki wengqephu uZama Gumede, ongumsunguli weZaviar Fashion House label, wenze ezibukwayo embukisweni. Ungomunye wabasiki bengqephu abakhangisile embukisweni wemfashini iDFF. Isithombe: SITHUNYELWE

Ngemuva kokubamba iqhaza kwiDFF ngonyaka owedlule, uDlezi waqokwa ukuthi ahlinzeke izitolo zakwa-Edgars.

UZama Gumede, ongumsunguli wenkampani iZaviar Fashion House, naye wenze ezibukwayo, izethameli zasukuma zama ngezinyawo zijabulela umsebenzi wakhe. Ulandele indikimba ethi 'Shades of Liberation' ngokusebenzisa umbala oluhlaza emisikweni yakhe, nathe ukhuthazwe yimibala eluhlaza yamasosha.

USihlalo weKomidi lezokuThuthukiswa koMnotho nokuHlela uKhansela Thembo Ntuli uthe ukuthuthuka kwalolu hlelo okulokhu kuqhubekile kube nomthelela omuhle ekudaleni amathuba emisebenzi, ukuthuthukisa umnotho nokusimamisa osomabhizinisi.

"Kusithokozisile ukuzwa ukuthi ezinyangeni eziwu-12 ezedlule, abasiki bengqephu abakhiqizwe yiDFF abayisishiyagalolunye abanemikhiqizo ezitolo ezahlukene zakwa-Edgars sebedayise isamba esingaphezu kukaR1 million. Lokhu kukhombisa umthelela iDFF enawo embonini yemfashini nasekufukuleni umnotho wakuleli," usho kanje.

Umbukiso walo nyaka uxhaswe yi-NIVEA, u-Edgars, uFoschini, iMAC Cosmetics, nePerfect Choice.

nonduduzo.ngcongo@durban.gov.za

Ukufunda kuyindlela yokuthuthukisa umphakathi

UMasipala wethule umkhankaso i-One City One Book ukukhuthaza isiko lokufunda emiphakathini. Lokhu kuzosiza ukubhekana nenkinga yokungakwazi ukufunda eThekwini. Isithombe: SITHUNYELWE

SANE SHANDU

UKUFUNDA kusalokhu kuyindlela ebalulekile yokuthuthukisa izakhamizi. Ngokuthuthukisa ulwazi lwazo, izakhamizi zingashintsha impilo yazo ngokuthola amathuba omsebenzi kufukuleke nomnotho. Lokhu kuvele ngesikhathi kwethulwa umkhankaso i-One City One Book eDurban Exhibition Centre ngomhla ka-14 Septhemba.

Kulokhu kuseqhulwini ukukhuthaza isiko lokufunda kuMasipala. Lokhu kuqhubeka nje, kusanda kukhishwa ucwaningo lwamazwe omhlaba oluveze ukuthi iningi labafundi baseNingizimu Afrika abakwazi ukufunda ngokuqondisisa. Inhloso yale ngqungquthela bekuwukubhekana nokungakwazi ukufunda nokugqugquzela uthando lokufunda nokubhala.

IBamba leMenenja yeMitapo yoLwazi nemaSiko, uThobela Ngidi, lithe bekubalulekile ukuthi uMasipala ubambe le ngqungquthela ukuze kugxilwe ekukhuthazeni ukufunda nokubhala.

"Izinhlelo ezifana ne-One City One Book ziwusizo olukhulu ekudambiseni inselelo yokungakwazi ukufunda nokubhala ngokukhuthaza abantu ukuthi bafunde futhi babhale," kusho yena.

URaashida Khan onencwadi enesihloko esithi *The Curse Touch* uklonyeliswe ngezindondo ngo-2023. Ubonge uMasipala nezakhamizi ngokuvotela incwadi yakhe njengencwadi ezishaya zonke. "Ngijabule ngale mpumelelo njengoba lokhu kungeyona into encane," kusho yena. "Ngifuna ukukhuthaza wonke umuntu ukuthi asize ukubhekana nezinga lokungakwazi ukufunda ezweni lethu. Ukufunda kwenza ube namathuba angcono okuthola umsebenzi futhi kungaqeda ububha," kusho uKhan.

UMasipala unezinhlelo ezahlukene nemisebenzi oyenzayo ukukhuthaza ukufunda nokubhala.

sane.shandu@durban.gov.za

ITheku libuye negolide kowamaGolden Games

THEMBA KHUMALO

Amaqembu ogogo nomkhulu baseThekwini enze ezibukwayo, awumela kahle uMasipala, anqoba emidlalweni eminingi emqhudelwaneni wamaGolden Games obusingathwe kuMasipala wesiFunda Ugu muva nje.

Iqembu lebhola lezinyawo logogo lidle umhlanganiso kowamanqamu ngo 6-0 liqumba phansi iqembu ebelisingethe le midlalo, Ugu, kwathi elabesilisa lawunqoba ngengcacamezela ka 1-0 umdlalo walo.

Le midlalo iyingxenye yoHlelo Lukahulumeni Lwabantu Abadala, lwezakhamuzi ezineminyaka ewu-60 nangaphezulu.

Umdidiyeli walolu hlelo lwabantu asebekhulile, uPhindi Gumede, uthe bayaziqhenya kakhulu ngabantu abadala baseThekwini ngokwenza konke okusemandleni abo ukunqoba kule midlalo.

UGumede uthe nakuba bephoxekile ngokungabi ngabaphume phambili, bayaziqhenya ngendlela iqembu elidlale ngayo.

"Sizobuyela ekhaya bese sizilolonga ukuze sizokwenza kangcono ngonyaka ozayo," kusho yena.

themba.khumalo@durban.gov.za

Iqembu lebhola labesifazane asebekhulile laseThekwini lidle umhlanganiso kowamanqamu ngo-6-0 labuya nendondo yegolide emidlaweni yamaGolden Games muva nje. Isithombe: THEMBA KHUMALO

Kugujwa ukwehlukahlukana kwamasiko ngezemidlalo

SANE SHANDU

UMASIPALA uyaqhubeka nokusebenzisa ezemidlalo ukugqugquzela ubumbano, ukubandakanywa kwabo bonke abantu ezinhlelweni zomphakathi, nokugqugquzela ukwakhiwa kwesizwe. Lokhu kufakazelwa yimidlalo esanda kusingathwa kulo Masipala.

Ngemuva kokusingatha ngempumelelo umqhudelwano weCOSAFA muva nje, uMasipala weTheku uzosingatha umcimbi wemidlalo yesintu kazwelonke, iNational Indigenous Games Festival (IGF) kusukela ngomhla ka-24 kuya ku-29 Septhemba njengengxenye yeNyanga Yamagugu. Ngalo mcimbi, izakhamizi zizothola ithuba lokugubha ukwehlukahlukana kwamasiko ngokusebenzisa ezemidlalo.

Inhloso yale midlalo ezobanjwa ngaphansi kwesiqubulo esithi 'Sifunda amasiko ngezemidlalo' wukukhuthaza ukubumbana komphakathi, ukwakhiwa kwesizwe nokugubha umlando onothile, amagugu, namasiko akuleli.

USihlalo weKomidi leMisebenzi yoMphakathi neZimo eziPhuthumayo uKhansela uZama Sokhabase uthe uMasipala ukuthokozele ukuthola ithuba lokusingatha i-IGF ngemuva kokusingatha ngempumelelo eminye imicimbi yezemidlalo.

UMasipala uyaziqhenya ngokuthola ithuba lokusingatha umcimbi wemidlalo yesintu ezobanjwa kusukela ngomhla ka-24 kuya ku-29 Septhemba. Isithombe: SITHUNYELWE

"Lokhu kuwubufakazi bokuthi uMasipala uyaqhubeka nokuba yindawo yezemidlalo ehamba phambili kuleli nasemhlabeni jikelele," kusho uKhansela Sokhabase.

I-Go!Durban nohlelo lwezobuciko lomphakathi

SOHANA SINGH

AMACIKO akuWadi 11, 39, 40 noWadi 104 akhelene nesiteshi seGO!Durban esikuQueen Nandi amenywa ukuba abambe iqhaza ohlelweni lwezobuciko iGO!Durban Community Visual Art Project olwenziwa ngokubambisana neDurban Art Gallery. Abafisa ukungenela lolu hlelo kumele bagcwalise amafomu okufaka izicelo atholakala kwi-website yeGO!Durban ku: www.godurban.gov.za. Abazongenela kumele benze umdwebo owu-A4 ubukhulu, wanoma yiluphi uhlobo lobuciko okubalwa kubona izithombe ezipendiwe, imidwebo, i-printmaking, i-mosaic, amaphethini, i-graphic design, noma imifanekiso.

Amafomu atholakala aphinde athunyelwe emahhovisi eGO!Durban, e-Floor 1, eMidway Crossing Mall; eK-CAP Ekhaya Multi Arts Centre; noma esiteshini seGO!Durban esikuQueen Nandi nange-email ku-info@godurban.co.za.

sohana.singh@durban.gov.za

ETHEKWINI MUNICIPALITY
20 YEARS DURBAN BUSINESS FAIR
22–24 SEPTHEMBA
Durban Exhibition Centre
9h00
KUNGENWA MAHHALA
IMIBUZO 031 266 9937